# *Kwathi ukuba Amehlo Abo Avuleke, BaMazi*

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana senzele umkhuleko. Njengoba lomnyuziki kamnandi uphumela kulamamayikrofoni, *Kholwa Kuphela*, angazi noma sinazo yini izicelo, kulobubusuku, ebesingafuna ukuba zaziwe kuNkulunkulu. Nezandla zethu ziphakeme, sithembisa ukuthi sizokholwa njengoba siphakamisa izandla zethu. INkosi ibusise.

2 Baba wethu waseZulwini, sisondela kuWe, eGameni leNkosi uJesu, ngenxa yokuthi Wethembisile, uma sikwenze ngalendlela, ukuthi Uyosizwa. Futhi sikhulekela ukuthi Uzokwemukela esinokukudinga, ekwazini Wena, Nkosi, futhi uzosivuza ngokukholwa kwethu. Siyazi Uzokwenza, ngoba Wethembisa. Kunezicelo eziningi. Izandla eziningi ziphakamile; ezami, futhi, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzohlangana nathi nje, kulobubusuku, futhi usikhombise indlela esifanele siyiphile nokuthi sifanele senze njani ukuba sibe nokukholwa kuWe. Thola inkazimulo enkonzweni, Nkosi, njengoba sizinikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala aphansi.

3 Don, unjani? Ngimangele ngempela, kulobubusuku, ukubona abaningi babangani bami behlezi lapha emsamo kanye nami. UMfowethu Lee Vayle wayengomunye wezimenenja. Umfowethu . . . Kulungile, angikwazi ukubiza lelogama lesiJalimane, Hierholzer. Ngiyalichatha ngasosonke isikhathi. UMfowethu Don Ruddell nabobonke abafowethu lapha, wonke umuntu, ngazana nabo bonke, ngakho ngijabula ngempela ukuba nabo lapha kulobubusuku uku—kukhuleka nathi sisashumayela iZwi, sikhulekele abagulayo.

4 Manje, ngiyacabanga, kusasa ebusuku, bese kuthi-ke ngeSonto ntambama, ngibuyele lapho, bese-ke ngoMgqibelo ebusuku ngizoba kwenye indawo. Kade nikhuleka yini namhlanje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuhle.

5 Ngiyaxolisa ukuthi nginihlalise kwaze kwaleyithi, izolo kusihlwa. Kodwa bekuyindawo entsha, yonke into iyintsha, futhi niyazi kuthatha nje isikhashanyana ukwejwayelana. Njengoba ngangivamise ukuthi, ngiyaxolisa ngesisho, "Susani zonke izipokwe, lapho esazana khona, ngakho si . . . yonke imizwa exakile."

6 Ngezinye izikhathi nihlangana ezindaweni. O, kungesikho ukulibukela phansi lelihholo, kodwa, niyabo, akuzona njalo izinkonzo zezenkolo, ngiyethemba, ezibanjelwa lapha.

Yizozonke izinhlobo zezinkonzo. Futhi phakathi lapho, njengoba kungabukeka nje kuyinqaba, kodwa kunomoya wayo yonke into. Uma ungenawo umoya kuwe, ufile. Nabantu benomoya ohlukile bahlangana ndawonye.

7 UJesu wayengenakuphilisa phakathi kwesixuku esinjalo. Ufika ezweni lakuBo uqobo, futhi abaMkholwanga, futhi Wayengenakuyenza imisebenzi yamandla lapho. Ngoluny'usuku Wadingeka ahole i—indoda eyayiyimpumputhe, yonke indlela ukuphuma edolobheni, ngaphambi kokuba Ayithole ukuba—ukuba ibone, futhi ithole okwayo. Naleyo enokuzwa kwayo.

8 Niyabo, ngesinye isikhathi nifanele niqoqane ndawonye lapho amakholwa abuthana khona ndawonye futhi akholwe. Nalendawo iyanikelwa manje enkonzweni yeNkosi uJesu Kristu. Futhi sekuyibandla manje, ibandla nje impela njenge. . .Nomaphi lapho abantu be—behlangana ndawonye, lelo yibandla. Ngakho manje, kulobubusuku, sikakhulu, singabantu abanenhlanhla kakhulu impela, siyezwa, ukuba lapha kulobubusuku, ukubuthana nani nonke, uku—ukukhuleka nokuqonda uJesu Kristu phakathi kwethu.

9 Manje, niyazi, amaPresbyterian anenqwaba ye. . .noma amaPiscopalian, ngikholwa ukuthi yiyo, phansi phezulu, phansi phezulu; isukuma futhi isho into ethize, ihlale phansi; isukume futhi isho okuthize, ihlale phansi. Futhi ngizonicela ukuba nime futhi ngisafunda iZwi.

10 KuLuka, isahluko 24, uma nizolalelisisa manje. NgumBhalo omude impela. Ngifisa ukuqala ngevesi 13 likaLuka 24.

> *Futhi, bheka-ke, ababili babo babehamba ngalona lolosuku baya emzaneni othiwa iEmawuse, ukude neJerusalema amastadiyu angamashumi ayisithupha.*
>
> *Babekhulumisana omunye nomunye ngazozonke lezizinto ezehlakeleyo.*
>
> *Kwathi, ukuthi, besakhuluma to-. . .bekhuluma bebuzana, uJesu uqobo wasondela, wahambisana nabo.*
>
> *Kepha amehlo abo abebambekile ukuba bangamazi.*
>
> *Wathi kubo,* Ndaba *zini lezi enikhuluma ngazo omunye nomunye, nihamba, ninyukumele na?*
>
> *Omunye wabo, nguKleyophase igama lakhe, waphendula wathi kuye, Wena uyisihambi eJerusalema, ungoyedwa ongazazi izinto ezenzekileyo. . . ngalezizinsuku na?*
>
> *Wayesethi kubo, Zinto zini na? Bathi kuye, NgoJesu waseNazaretha, obengumprofethi onamandla ngesenzo nangezwi phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke:*
>
> *Ukuthi abapristi abakhulu nababusi bamkhaphela ukunqunyelwa ukufa, baze bambethela esiphambanweni.*

Thina-ke besethemba ukuthi *nguye ozakuhlenga uIsrayeli: kodwa phezu kwalokhu konke, sekulusuku lwesithathu lezizinto zenzekile.*

*Yebo,. . .abesifazane abathile bakithi basethusile, ababeyile ethuneni ekuseni;*

*Futhi kuthe bengasifumani isidumbu sakhe, bafika, bathi, babone* nom*bono wezingelosi, zithi. . .uyaphila.*

*Nabathile babakithi baya ethuneni, bakufumana. . . njengokuba beshilo abesifazane: kodwa yena uqobo abambonanga.*

Wathi *kubo, O nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke imibhalo ekushilo:*

*UKristu ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokhu, aze* ukuba usengene *enkazimulweni yakhe na?*

*Wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela. . .mi—mibhalweni yonke okuqondene naye.*

*Base besondela emzaneni,* lapho *ababeya kuwo: yena washaya sengathi udlulela phambili.*

*Kodwa bamncengisisa, bathi, Hlala nathi: ngokuba* sekuza*kuhlwa, nemini isiyadlula. Wayesengena wahlala nabo.*

*Kwathi, esehlezi nabo ekudleni, wathabatha isinkwa, wabonga,. . .wabanika.*

*Amehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.*

*Base bethi omunye komunye,* Izinhliziyo *yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma kithi endleleni, nalapho esivulela* umbhalo *na?*

11 Asikhuleke. Nkosi Jesu, siyazi ukuthi lokhu yiqiniso. Akukho noma yini ezweni okuqinise kakhulu ukwedlula iZwi laKho. Akukho noma yini ezweni okukhulu kakhulu ukwedlula iZwi laKho. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzokwembula lendaba kithi, ezinhliziyweni zethu kulobubusuku, futhi uzokwenza lengxenye yomBhalo iphinde ibonwe futhi, kulobubusuku, ukuthi singahle siqonde iNkosi uJesu njengoba benza. Kuphela, baMqonda u—usuku emva kokuvuka kwaKhe, futhi manje kwangathi singaMqonda emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Sicela eGameni likaJesu nokwenkazimulo yaKhe. Amen.

Hlalani phansi.

12 Ngiyabonga ngesayini encane yokwemukelwa kwingemuva lehholo lebandla.

13 Indaba yami kulobubusuku bekungukuthi: *Kwathi ukuba Amehlo Abo Avukele, BaMazi.*

14 Manje ukuhlela kwethu, kulobubusuku, iPhasika lokuqala. Usuku olukhulu olunyama lokubethelwa lwase lwedlule. INkosi yethu uJesu wayefikile ezweni futhi wayezikhombe ngokucacile Yena uqobo ukuba yiNdodana kaNkulunkulu. Yonke imiBhalo, eyayikade iqondene naYe, Wayeyigcwalisile. Ngisho namahora okugcina esiphambanweni ayegcwalisiwe. Manje ukuvuka kwase kufikile, okwakuthenjisiwe futhi. Kodwa abantu ngalolosuku babethi ababeyilokho esiyikho, namhlanje. Babene, emdlandleni walokho ababekade bekubona, okungaphezu kwemvelo, nokunye nokunye, babehlulekile ukuqonda wonke umBhalo owawuqondene naYe. Babekuqondile okunye kwaWo, futhi bakholwa, futhi okunye kwaWo babengakuqondanga.

15 Ngicabanga ukuthi kuyinqwaba yonke njenganamhlanje, ukuthi izikhathi eziningi siyokwemukela ezinye zezinto uJesu azishilo, kodwa hhayi zonke izinto Azisho. Abantu ngezinye izikhathi bathola, bathi, "Awu, sikholwa *Lokhu*, kodwa asikukholwa *Lokhu*." Awu, ungeke ukukholwe *Lokhu* ngaphandle kokukholwa *Lokhu*. Niyabo, ufanele ukuKukholwa konke. Kuphakathi kokuthi konke nguNkulunkulu, kungenjalo akusuye uNkulunkulu. Futhi ngakho konke kufanele kufithe kahle, endaweni yakho.

16 Futhi njengoba ngishilo izolo kusihlwa, uNkulunkulu wabele lokho, umBhalo waKhe, kusukela ekuqaleni, kungakabibikho sikhathi, ngenkathi EsengoPhakade. Yena konke. . . UNgoPhakade, bese kuthi-ke lezizinto okwenzeka manje kuphela kuyizingxenye ezingahlukaniseki zokucabanga kukaNkulunkulu. Ekuqaleni, kufanele kube ngumcabango, bese-ke kuba yiZwi. NeZwi, uma umcabango uzwakaliswa, uyizwi. Bese kuthi-ke, Likhulunywa, Lizofanele lenzeke. Nayo yonke into nguNkulunkulu ezisombulula Yena uqobo ezingxenyeni zaKhe ezingehlukaniseki, bese kuthi-ke uNkulunkulu enziwe waba ngophathekayo, othintekayo, esingaxoxa kuye, sikhulume naye, eMzimbeni walolonke iBandla laKhe nayo yonke into.

17 Ngakho-ke, igama lakho lalisemcabangweni waKhe. Unakho kanjalo-ke ukuPhila okuPhakade. Ungeke wabanaKho ngenye indlela. Uma unokuPhila okuPhakade, wawulokhu ukhona. Uyabo? Wena, uma ngenye indlela, ungeke nje wathi, "Awu, ngiyasonta, ngenza *lokhu*." Qhabo, mnumzane. UkuPhila okuPhakade akukaze kube ne be-. . . Noma yini eyayiPhakade ayizange iqale futhi ingephele. Ngakho wawusekucabangeni kwaKhe kuphela, igama lakho, ukuthi ungubani nokuthi uyini. Yileyondlela kuphela obungake uze ubenokuPhila okuPhakade, ngoba wawulokhu ukhona.

18 Futhi labo, akunendaba ukuthi bayini, bafe Phakade, babefile kusukela ekuqaleni. IBhayibheli lathi, "Owesifazane ophila ngokutamasa ufile esaphila." Kunjalo. Niyabo, ubehlala njalo efile. Ufile esonweni naseziphambukweni.

19 Futhi manje uma wawusekuphilisweni, ekuqaleni kwaKhe, yilokho Afikela ukukuhlenga. Negama lakho lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ekucabangeni kwaKhe, ekuqaleni. Futhi Ufikela ukuhlenga onke amagama elikuleyoNcwadi; alisekho elinye, akusekho-nalinye; lelo nje elaliphakathi Lapho. Nxa igama lokugcina selihlengiwe, uthatha iNcwadi yaKhe bese ebiza lokho Akuhlenga.

20 Manje, futhi i—into exake kanje pho obekungaba yiyo ukuba besingakukholwanga konke okulotshwe emBhalweni, ngokuba yonke into iyiZwi likaNkulunkulu. Yonke iphefumulelwe, yonke nencu yaLo, futhi sikholwa nokunci kwaLo.

21 Manje lenkundla enhle kakhulu esinayo phambi kwethu, kulobubusuku, nguJesu evukile kwabafileyo, entwasahlobo, ehambahamba. Evukile entwasahlobo, ukuvuka, iMbali yokuqala ukuba ivuke kwabafileyo, iNkosi yethu uJesu! WayewuLibo lokuQala lwabaleleyo. IMbali yePhasika ephumayo, Eyokuqala eyakhiphela ikhanda laYo ngaphezulu emva kwephakathi nobusuku elibandayo lobumnyama nesono; Wayeseyikhokhile intengo yesono, noNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu. Siyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yethu, ukuthi uNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu, ngokwesithembiso saKhe. Futhi siyakukholwa ngokomBhalo, ukuthi WaMvusa, ngosuku lwesithathu. WayengoWokuqala owavuka kwabafileyo, uLibo lokuQala lwabaleleyo.

22 Futhi ukucabanga ngakho, lokho okubangela usizi okukhulu iminyaka eyizinkulungwane ezine ukuthi izwe lalidukuze esonweni, futhi lingayazi indlela yokuphuma, nango Ebuya kwabafileyo! Isikhathi esinje pho, intwasahlobo! Ibandla belifanele ngabe belicula ohaleluya abayinkazimulo. Kodwa esikhundleni salokho, babehamba bemooping, bedabukile nayoyonke into, ngoba behluleka ukukholwa yikho konke Akusho.

23 Naleyo yinto efanayo okuyiyo kulobubusuku, ngoba bayehluleka ukukholwa yikho konke Akusho nakuthembisa. Yilokho, ibandla likulesosimo esinjalo kulobubusuku, elikuso, yingenxa yokuthi sehlulekile ukukholwa yikho konke Athi Uyokwenza. Yonke imiBhalo oqondene naYe, siyehluleka ukuWukholwa wonke. Sihambe siWubhaklaza, siWuxube, futhi sifake enye into kuWo.

24 Uma siyikholwa yonke Into, bekuyobakhona isiphethu sokujabula emiphefumulweni yethu, ngoba sivuswa kanye naYe ngokufana kokuvuka kwaKhe, manje sihlezi ezindaweni

zaseZulwini kuJesu Kristu, ngabobonke ubukhulu namandla nobumnyama phansi kwezinyawo zethu. Sinelungelo, ngeGazi likaJesu Kristu, uPhawu lwethu, ukuthi singabathengwe nguNkulunkulu. Ukuthi, uuNkulunkulu ukhokhe ukuhlengwa kwethu, ngoJesu Kristu, futhi sinelungelo ukubamba loloPhawu phezu kwanoma yini esiyicelayo, futhi siyemukele. UNkulunkulu washo njalo! Lokho kuyakuxazulula. Ukuba nje besingayikholwa yonke imiBhalo!

25 Kodwa into yakho kwakungukuthi, ingxenye edabukisayo, abantu abaningi ababeMazi futhi beMthanda, abaqondanga ukuthi Wayevukile kwabafileyo.

26 Kunjalo nanamhlanje! Abantu abaningi, abakholwayo futhi ngisho nabafundisa ukuthi Wavuka kwabafileyo, namanje akaLikholwa. Impela bangekuqondisise. Futhi kuyi—yisimanga esivelayo esikhulu kakhulu. Akwejwayelekile kakhulu. Izinto ezingejwayelekile yilapho uNkulunkulu ekhona, uma kuhambisana nesithembiso saKhe.

27 Abaningi babeMthanda, futhi babengakwazi. Kwakungejwayelekile kakhulu ngokoqobo nje kubo ukuba bakholwe labofakazi ababeqhamuka ethuneni futhi bathi, "Sibone isixuku seziNgelosi, esithe, 'Uvukile ekufeni.'" "O, awu, thina . . ." Niyabo, uma nje babebuke emBhalweni; Wakwethembisa, ukuthi Uyokwenza.

28 Futhi nje njengakubaFarisi nabafundisi bezenkolo bosuku lwaKhe, ukuba kuphela babebukile emiBhalweni, njengoba Wayeshilo. "Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi," eshoyo ukuthi UnguBani.

29 Futhi uma labobafundi ngalolosuku babebuke nje emBhalweni, babeyothola emBhalweni ukuthi Wethembisa ukuvuka futhi. Futhi uNkulunkulu wethembisa ukuMvusa, futhi Wakwenza. Nokho, iZwi laKhe elethenjisiwe lalibhalwe ukuthi Uyokwenza kubo. IZwi lasho ukuthi Uyovuka.

30 Wayekwethembisile, kodwa nokho babenyukumele futhi konke kwashaywa kwaphuma, nayo yonke into. Bacabanga ukuthi babelahlekelwe yiyo yonke into ababenayo, futhi yonke into yayehlulekile. Futhi kwakuyihora elimnyama kunawo onke ukuthi, ngiqagele, ababeke balibona. Babekade benamathemba kuYe, futhi babekholelwa kuYe, futhi bebone ukubonakaliswa kwaKhe okukhulu kwezimangaliso nezibonakaliso nezimanga, nakho konke ukuqinisekiswa kukaMesiya. Futhi-ke ukuMbona emi lapho futhi efa, futhi enesikhwehlela sibekwe ebusweni baKhe, futhi, ngenkathi, Wayengehlulela imicabango owawusezinhliziyweni zabantu.

31 Kodwa uma ngenza lokhu ngesisho se—sezwe, kuxoleleni. Kodwa, "uma ku—kufika enkathazweni," kungalenkathi usalokhu ukholwa.

32 Ngenkathi bebeka indwangu izungeza ubuso baKhe, lawomasosha adakiwe, futhi abeka indwangu yazungeza ubuso baKhe, futhi athatha induku futhi aMshaya ekhanda, athi, "Manje, siyaqonda ukuthi ungumProfethi. Uma UngumProfethi," futhi ayedluliselana leyonduku, futhi athi, "sitshele ubani oKushayile. Sizokukholwa."

33 Niyabo, kwakubukeka sengathi Wa—Wa—Wayebanjiwe kunoxhaka. Futhi babecabanga ukuthi, "Awu, uma babeyoke besho noma yini ku—kuYe, Ubeyobashaya nje ngobumpumputhe. Ubeyobashaya bafe, uma besho noma yini." Niyabo, lokho akusiyo inhloso kaNkulunkulu njalo ekwenzeni izinto. Niyabo?

34 Ngenkathi Esesiphambanweni, noKayafase naba—bapristi bonke bathi, "Uma UnguKristu, sitshele ngokucacile. Yehla esiphambanweni, sizoKukholwa." Niyabo, babengeke bakuqonde ukuthi uNkulunkulu wayengake aye kanjani esiphambanweni futhi afe. Kodwa, yingalesosizathu uNkulunkulu wenziwa inyama, ukuze Ezokufa.

35 AbaFarisi baMnika ukutusa okukhulu kakhulu Ake abanakho, ngenkathi bethi abanye Wayengeke. . . "Abanye Wabasindisa, Yena uqobo Angezisindise." Impela, lokho kwakungukutusa. Uma Wayezisindisile Yena uqobo, Wayengeke abasindise abanye. Wayefanele azinikele Yena uqobo.

36 Yingalesosizathu uNkulunkulu wenziwa inyama, ukuze ezofa, ukuthi Wayezohlupheka futhi athathe inhlawulo ibe phezu kwaKhe uqobo. Wayengeke akwenze inqobo nje uma WayenguJehova, emoyeni. UNkulunkulu uYise, emoyeni, wayengeke akwenze. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu enziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, isiDalwa esingumuntu, khona-ke Wayengakunambitha ukufa, futhi athathe inhlawulo Ayeyibeke phezu kwazozonke izidalwa ezingabantu. Wakuthatha kwaba phezu kwaKhe uqobo, futhi wakhokha intengo.

37 Nokho, iZwi laKhe elithenjisiwe lalikwethembisile lokhu ukuvuka, kodwa abakuqondanga ukuthi kuyobanjalo. Babengeke nje ngokoqobo bafike kukho. IZwi, Wayengukuqinisekiswa kwesithembiso saKhe. UJesu, ekhuluma kuloKleyophase nomngani wakhe, endleleni beya eEmawuse, kwakungukuqinisekiswa kweZwi laKhe elithenjisiwe, futhi nokho abaliqondanga.

38 Futhi mangikusho namhlanje. Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokufundisa, ukukholwa, Usaphila, futhi abantu ngeke bakubone. Ngeke bakuqonde. Into enkulu ngukuthi bafunzwe kakhulu ngemfundiso ngezinye izinto, iminako eminingi kakhulu, nenye into eningi kakhulu. Yingalesosizathu bengeke bakuqonde.

Babenyukumele kakhulu futhi bedabukile, ukukuqonda.

39 Manje, qaphelani, babekhuluma ngaYe. Manje babesendleleni beya ngale eEmawuse, babezobuyela emsebenzini wabo omdala futhi. Futhi uPetru waya kodoba, futhi abanye babo bonke bahamba naye. Futhi uKleyophase nomngani wakhe, bathi, “Awu, sizoya ngale eEmawuse.” Yilapho mhlampe ababehlala khona, futhi cishe uhambo losuku lweSabatha, amamayela ambalwa ukunqamula igquma.

40 Futhi lokhu kusa okuhle kwePhasika, uJesu evukile ekufeni! Evukile! IZwi lwaKhe, iZwi likaNkulunkulu, lalikade ligcwalisiwe. “Angiyikushiya ONgcwele waMi abone ukubola, kanjalo aNgiyikuvuma owaMi . . . Angiyiku—kushiya umphefumulo waKhe esihogweni, kanjalo Angiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola,” kwakuyiZwi. Qaphelani, uDavide wakukhuluma.

41 UJesu wathi, “Dilizani lelithempeli, futhi Ngizolivusa ngezinsuku ezintathu.” Niyabo? “INdodana yomuntu yenyukela eJerusalema, inikelwe ezandleni zabeZizwe, futhi indoda enonya, abhinqwe futhi ashaywe, futhi abethelwe, kodwa ngosuku lwesithathu Uyovuka futhi.” Washo njalo, lokho kwakufanele kukuxazulule.

42 Futhi nansi lawa indoda Ayewatshele ukuthi a, ayazi iZwi, ehambisana endleleni, enyukumele ngakho. Ungakucabanga ukubona okunjalo na? Kodwa impela sekuphindile futhi. Sekuphindile futhi.

43 Siyathola, njengoba babehambisana endleleni, into eyodwa enkulu ngabo, babekhuluma ngaYe ngenkathi Ebonakala.

44 Manje yileyo inkathazo namhlanje, isizathu ngicabanga ukuthi Engabonakali kwabaningi bethu, yingoba asikhulumi ngaYe ngokwenele. Sinezinye izinto esifanele sikhulume ngazo. Umehluko wethu wobuhlelo, sifanele siqophisane ngalokho. Sifanele sikhulume ngobukhomanisi. Sinazozonke izinhlobo zezinhlelo, nayo yonke enye into, konke kusibophile. Asinasikhathi sokukhuluma ngaYe. Uhlelo lwebandla, ubani ozoba ngumelusi okhethiwe, ubani ozokwenza *lokhu*, futhi ubani ozokwenza *lokho*, sikhuluma ngayo yonke enye into ngaphandle kwakhe.

45 Ngenkathi, besifanele sikhulume ngaYe! Kuhlala kunjalo. Lokho kufanele kube ngokwethu—kwethu . . . Lokho kufanele kube impokophelo yethu, lokho kufanele kube impilo yethu—yethu yonke, ikuYe.

46 Ngasho endodeni ngoluny’usuku. Yathi, “Ngani, uyayikholwa leyonto na?”

47 Ngathi, “Mnumzane, ngachitha impilo yami. Lokho kunjalo. Ngizonikela ngempilo yami ngaKho. Ngifisa sengathi benginezimpilo eziyizinkulungwane eziyishumi ukunikela kuKho. NgisaKukholwa.”

48 Impela, sifanele sikhulume ngaYe, uma sifuna ukuMbona. Kungaleyonkathi, njalo.

49 Babefanele baMqonde, kodwa abazange. Ngenkathi Enyuka ngaseceleni kwabo, babefanele bazi. Khumbulani, babekade behamba naYe iminyaka emithathu. Futhi lapha i. . . Ungacabanga nje? Abafundi baKhe ababekade behambe naYe iminyaka emithathu, lapha Uhambisana nabo ngqo, futhi nje bephuphutheke njengelulwane. Ngani? Ngoba babengawazi umBhalo. Futhi, nokho, Wayebatshelile umBhalo.

50 Futhi lapha Wayengu, *Emanuweli*, "enziwe inyama, wakha phakathi kwethu," nabaFarisi abakuqondanga. Babengenakukuqonda lokho, ukuthi ukanjani loMuntu . . . Awu, baMbethela, ngoba, wathi, "Wephula iSabatha futhi—futhi Wazeza uNkulunkulu." Yingalesosizathu baMbethela. Manje siyathola, ukuthi isizathu behluleka ukwazi lokho, yingoba babengawazi umBhalo.

51 Manje lababafundi babefanele baMqonde, kodwa babengawazi umBhalo. Lapha Wembula-ke kubo, qaphelani, lapho Eqala ukuhambisana, Wembula kubo izithembiso zomBhalo eziqondene naYe ngalowonyaka; hhayi izithembiso zomBhalo onyakeni kaNowa, hhayi izithembiso zomBhalo zomunye unyaka. Isithembiso somBhalo esiqondene naYe uqobo salowonyaka, lokho kwakhombisa impela ukuthi Wayengubani. Niyabo?

Uqala ukubabuza, wathi, "Ninyukumaleleni kangaka na?"

52 "Ngani," bathi, "Uyisihambi yini wena lapha na?" BeMbuka ebusweni ngqo. "Uyisihambi yini lapha, futhi awazi ukuthi kwenzekeni na? Ngani, uJesu waseNazaretha, umprofethi ofakazelwe nguNkulunkulu, futhi thina besithemba ukuthi Uyoba Nguye oyokhulula uIsrayeli; nalolu sekulusuku lwesithathu, futhi baMbethele, nazo zonke lezizinto." Futhi nje U . . .

53 Wathi, "Zinto zini ezenzekile na?" Sengathi nje Wayengazi lutho ngakho. Niyabo, Washaya sengathi nje Wa—Wayengazi lutho ngakho.

54 Kodwa manje khumbulani, ngenkathi Eqala ukukhuluma ngaleyonkathi, Uqala ukwembula kubo izithembiso eziqondene naYe. Wathi, "Anazi yini ukuthi uKristu umele kuqala ahlupheke kanjani bese engena enkazimulweni yaKhe na?" Wayeseqala-ke, ngemiBhalo, kusukela kuMose nabobonke abaprofethi, futhi wembula kubo imiBhalo ephathelene naYe uqobo, uMesiya. Lokho uMesiya ayezoba yikho, ukuthi zenzo zini Afanele azenze, yonke into Afanele ukuba yiyo, Wakwembula lokho kubo, futhi Yena babesalokhu bengamqondi.

55 Uma lokho kungesiyo impinda, namhlanje! Wenza okufanayo, futhi ibandla lisalokhu lidangala ebumnyameni.

Embula kubo ukuthi UnguBani nokuthi Uyini, futhi—futhi basalokhu bethi, "Awu, manje, ngikholwa ukuthi ibandla lami lifundisa . . ." Nakho lapho okhona. Uyabo, yingalesosizathu u . . .

56 Buyelani emBhalweni, hlolani umBhalo, IneQiniso. SiWusonte kakhulu. "Sazi kanjani ukuthi NgumBhalo na?" Uma kungumBhalo othenjiselwe lowonyaka.

57 Manje, Akabuyelanga emuva wayesethi, "Niyamkhumbula uMose, ukuthi wenzeni?" Niyabo? Wembula kubo umBhalo ophathelene naYe, walowonyaka. WayengukuKhanya kwalowonyaka.

58 UMose wayengukukhanya konyaka wakhe. UJeremiya wayengukhanya konyaka wakhe. Kwakungukukhanya kukaNkulunkulu kukhanyela iZwi elathenjiselwa lowonyaka. Wonke unyaka uneZwi lawo elithenjisiwe. UNkulunkulu uthumela abaprofethi baKhe futhi embule leloZwi; aqinisekise umprofethi waKhe, kuqala, bese-ke embula leloZwi futhi aLenze liphile.

59 NoJesu wayenguKristu. Futhi yonke into eyayiphathelene noKristu, Wayeyiqinisekisile. Ukuzala kwentombi, waphilisa abagulayo, wehlulela imicabango ezinhliziyweni zabo, yonke into Ayefanele ukuyenza ukuba abe—abe nguMesiya, futhi, nokho, wavuswa kwabafileyo, futhi babesalokhu bengakuqondi. Babesalokhu bengakwazi. Emva kokuba imiBhalo yayisimbuliwe, babesalokhu bengaMqondi neze, nakuba WeyeyileloZwi elithenjisiwe. Manje khumbulani ukuthi lokho kuhle kanjani, iZwi Ayelembula kubo, uyabakhombisa. Babehambe naYe ngqo iminyaka emithathu, futhi bakuqonda lokho, bazi ukuthi Wagcwalisa leloZwi. Lapho bahamba, behamba beqhubeka behlela eEmawuse, "Ngabe kunjalo na?" Ha! Nje abakuqondanga! Abakutholanga.

60 Qaphelani-ke uma esefika endaweni, emva kwaKhe embula iZwi, ephindaphinda, kubo, futhi ebakhombisa ukuthi uKristu umele ukuzenza kanjani lezizinto, futhi bebesalokhu bengakutholi. Qaphelani ukusola abakutholayo, labobashumayeli, ngokungazi nokuqonda umBhalo ogcwalisekile owagcwaliswa phambi kwamehlo abo. Qaphelani amazwi aKhe kubo, "Eningaqondiyo, enilibele ukuqonda." Lapha kwakunguNkulunkulu uqobo lwaKhe, uMesiya ovukileyo ehambisana nabo, ebakhombisa. Wathi, "Ngani, aniqondi yini ukuthi uKristu umele enze lezizinto na? Anazi yini ukuthi kumele kube *ngale*ndlela, nanga*le*ndlela, na*kanje* na*kanje* na?"

61 Usuku lonke gulukunqu, ebachasisela imiBhalo, futhi noma kunjalo, "Ngabe kunjalo na?" Futhi babengazi ukuthi lowo kwakunguYe emi lapho ngqo.

62 Khona-ke Wayeseqalaza. Emva kokuba Eseshumayele iZwi, futhi wayebatshelile futhi wabakhombisa izinto eyayifanele ukuba yizo, futhi babesalokhu bengakuqondi. Wathi, "Eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukuqonda, niyabo, niqonde umBhalo oqinisekisiwe wehora," umBhalo owawuphathelene naYe ngalolosuku. Nokho Wayekanye nabafundi, kodwa abalazanga iZwi elilotshiwe ngenkathi beLibone libonakaliswa.

63 Ngifuna ukudedela lokho kuzike, umzuzwana nje. Niyabo? Niyabo, abazanga ngenkathi i . . . Kufunde emBhalweni, ukuthi isithembiso salolusuku, futhi manje-ke bhekisisani uNkulunkulu ekwenza kubonakaliswe, futhi besalokhu bethi, "Ngiyamangala." Into efanayo, niyabo, impela nje. Sisalokhu siphathelene nezidalwa ezingabantu.

64 Futhi sithola ukuthi Wabasola, ngokuhlabayo. Babengabafundi. Ngoba, babengalazi iZwi, ukuthi, ngenkathi Libonakaliswa phambi kwabo, abakuqondanga.

65 Ini? Into efanayo yenzeke namhlanje. Kodwa emiqondweni yabantu . . . Kukwenza ubadabukele, ngoba oyedwa uneqembu eliya *ngapha*, noyedwa unelilodwa eliya *ngapha*, futhi konke abacabanga ngakho ngukwenza leloqembu likhule. Yingalesosizathu ukuthi uKristu Angezembule kubantu.

66 Ngani, iBandla belifanele kakhulu impela libe yi . . . Ngani, belifanele libe sesigabeni salo esihle kakhulu manje, namandla okuvuka kwaKhe, izibonakaliso nezimanga ezinkulu.

67 Esikhundleni salokho, bahambe bezulazula kakhulu nalokhu, sebeze bahamba ngokuphuphutheka bengena eMkhandlwini weNkolo yobukristu, ukuthatha uphawu lwesilo, futhi bengalwazi; kunjalo impela, bazi ukuthi iZwi laKhe lisho ukuthi kuyokwenza lokho. Futhi bacabanga ukuthi kuhle ngempela, kuhle, kwenza ukuzinikela okuhle, futhi ngakho bayokwenza. Kungahamba kanjani ababili ndawonye na? Nizokwenzenjani nina maPentecostal na? Nizodingeka ninikele ngemfundiso yenu eqavile yombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukukwenza. Impela, ninjalo. Futhi nakho lapho enikhona. Nizokwenzenjani masekufika lesosikhathi na? Nje ngobuwula nihamba niyongena kukho ngqo!

68 Abanye babaholi babantu bePentecostal, abantu beVangeli eligcwele, bama kulemikhandlu, futhi bahlale phambi kweVatican, nase kubuseni ezindabeni ezingcwele, kanjalonjalo, futhi bathi, "Ngumuzwa wokomoya omkhulu kakhulu."

69 Indoda eyilokho kuba ndikindiki eMoyeni kaNkulunkulu, eyobangela okunjalo njengalokho, akumangalisi Athi, "Eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukuqonda okwashiwo ngumBhalo." Ubeyokhuluma kuzwakale kulobubusuku, ukuba Ubekhuluma ngesitsha, Ubeyosho into efanayo. "Eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukuqonda ukuthi

kukanjani lokho ngenkathi iZwi libonakaliswa khona lapho, bese iyongena kukho ngqo." Kunjalo manje!

70 Simatasatasa kakhulu nezinhlelo zethu. Kakhulu... Babematasatasa kakhulu, beMlalele, futhi benza ezinye izinto. Futhi—futhi siyathola, ukuthi, manje sithola izivumokholo ezehlukene eziningi kakhulu, sinezinhlelo zethelevishini eziningi kakhulu.

71 Futhi manje sinomnyakazo womphiki-makhomanisi. Ngangilalele i*Life Line*, ngokunye ukusa, inikeza izitatimende zemibhalo yobufakazi babo, ukuthi—ukuthi, ubukhomanisi, ngani, beningasoze nakushanela nikukhiphe. Ngani, kade bephakathi lapha iminyaka ngeminyaka ngeminyaka. Zonke lezizinhlelo ezehlukene nezinqubo, yasho njalo i*Life Line*, ngisho nakulezizimpikelelo njenganendumbe lobuchopho, nezinto ezinjengalokho kubo, enhlanganweni yomphiki-makhomanisi. Inhlangano yomphiki-makhomanisi, amakhomanisi uphakathi lapho ekufaka ugqozi kukho, ukuthola nje ukuthi ubani onguye. O, he! Angikhathalele kulokho.

72 Ngikhathalele ukuFika kukaJesu Kristu, kweBandla. Abefundisi bebefanele ngabe bamatasatasa ngalokho, futhi bebona ukuthi imiBhalo yethembisani namhlanje. Angibhekile khona ukwengamela, kwamakhomanisi. Ngibheke uMbuso ozayo, uJesu Kristu, nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane ukuba singene. Hhayi ngisho (ngokoqobo) ukukhathalela ubukhomanisi noma nakunye kwezimfundiso zabo ezigqamile, noma izimfundiso zenu ezigqamile zezenkolo, nakunye kwakho! Ngikhathalele uJesu Kristu, futhi Yena kuphela, ngithole abantu ukuba babone Yena. Ulapha, Ezifakazela, lapha ekhombisa impela Athi Uyokwenza ngezinsuku zokugcina.

Manje abakuqondanga. Babematasatasa kakhulu.

73 Nokho, bayazisho namhlanje ukuthi bakholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo. Wonke umuntu, niyakholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo na? Labo abazisho ngempela ukuthi bangamKristu, bayakukholwa lokho. Futhi manje-ke angeza ngqo azungeze futhi enze khona impela Athi Uyokwenza emva kokuvuka kwaKhe, futhi basalokhu bengakuboni. Yebo, mnumzane. O! Yiqiniso. Bona, basalokhu nje bengakuboni.

74 Izivumokholo, izinhlelo zezemfundo, banabefundisi babo abaphumile futhi babafundisa kakhulu. Kuyophuphuphuthekisa, baphuphutheke kumasayense abo ezenkolo enziwe ngumuntu, ukuthi basukile eZwini likaNkulunkulu.

75 Njengoba ngishilo izolo ebusuku, uNkulunkulu akadingi mhumushi. Ngeke ngalihumusha iZwi laKhe, kanjalo akukho noma ubani ongahumusha iZwi laKhe. Ungumhumushi waKhe Yena. Uma Athi Uyokwenza noma yini, Uyayenza, nalokho kuyakuxazulula. Yilokho kuphela okukukho. Wathi Uyokwenza,

futhi Wakwenza. Lokho kuyakuxazulula. Akadingi muntu ukuba asho ukuthi *lokhu kuyi* Lokho, noma *lokho kuyi* Lokho. Uyakwenza, qobo lwaKhe. Izihumusho zethu azilutho emBhalweni. Uyakhuluma, qobo lwaKhe, futhi yileyondlela okuyiyo.

76 Ngenkathi ukuqala, ngenkathi Ethi, "Makube khona ukukhanya," futhi kwabakhona ukukhanya. Lokho akudingi kuhunyushwa. "Intombi iyokhulelwa," yakhulelwa! "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayoyonke inyama," wakwenza. Akudingi kuhunyushwa.

77 Athi Uyokwenza ngalolusuku, Ukwenzile. Akudingi ukuba kuhunyushwe; kuyazihumusha. Ungumhumshi waKhe Yena.

78 Manje, kodwa simatasatasa kakhulu ngezinye izinto, futhi sisuse abantu bethu. Nenqwaba yezimishini zethu zeVangeli eligcwele, nokunye nokunye, nezikole, sinikeza umuntu ukuhlolwa isifo sengqondo ngaphambi . . . ukuhlola ingqondo, phambi kwe—kwesazi sezifo zengqondo, ngaphambi kokuba abe yi—yisithunywa senkolo, ukubona ukuthi IQ ukusebenza kwengqondo yakhe kuphakeme ngokwenele. Akusiyo leyonto ethize na? Sengathi ngiyakubona lokho kokunye okuyikho ngegama, kuziqhelanisa nento ethize eyafa eminyakeni eyadlula. Kodwa ifreshi njengoba iPhentekoste injalo, babengake bayenze kanjani into enjengaleyo na?

79 Ningayicabanga nje IQ ababeyidinga ngoSuku lwePhentekoste na? Ukukholwa kuNkulunkulu, yilokho ababekudinga. Kunjalo! Yileso isidingakalo. "Uma ukholwa, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," uJesu washo. Akazange athi bahlolelwe i IQ yabo. Wathi, "Hambani niye ezweni lonke," izithunywa zenkolo, "nenze abafundi bazozonke izizwe. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo!" Yileyo i IQ, i IQ kaNkulunkulu, noma ngabe unakho yini ukukholwa okwenele ukwenza lezizinto ziphile futhi zibe yizo ngempela, uKristu ebonakaliswa kubantu.

80 Kodwa, namhlanje, sifuna ukubahlola ngolunye uhlobo lohlelo lwezemfundo. He!

81 Behlola uJack Ruby, ngolunye usuku, ngobuhlanya. Basakwenza. Lonke izwe liyahlanya. Impela, indoda iyahlanya. Akekho umuntu owayengadubula omunye engahlanyi. Lonke izwe liyahlanya. Impela, liyahlanya. Umlimi, uyahlanya kusomabhizinisi. Usomabhizinisi uyahlanya, kumlimi. Ubani ohlanyayo na? Lonke iqembu liyahlanya.

82 Yinye kuphela into esile, nalowo nguJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, neVangeli laKhe linempendulo kuyo yonke into. Izincwadi zethu zesayense ephathelene nengqondo, nazozonke lezizinto, zingumbhedo. Uma kuphambene naleliZwi, kulahle. IZwi likaNkulunkulu liqinisile, nakho konke okunye kunephutha.

83 Siyazibona lezizinto. Akumangalisi izwe selibe ngeliphuziswa igazi! Akumangalisi izinto zingendlela eziyizo manje! Asi. . .Nje kungasosonke isikhathi. . .Angazi noma uOswald, owabulala uMongameli wethu, angazi noma wayengakuthola yini ukuhlolwa ukuhlanya. Ngiyakungabaza. Kodwa, niyabo, engagijima kanjani umuntu angene bese edubula omunye umuntu, bese-ke ethatha impilo yakhe futhi aqhubeke na? Manje, ngiseTexas, ngizoma kulokho nje. Kodwa ake nginitshele okuthize, njalonjalo. . .INkosi izokunakekela konke, ngolunye usuku, ekuFikeni kwaYo. Qaphelani, awunalungelo lokuthatha noma yikuphi ukuphila komuntu. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu nguyena kuphela unelungelo lokuthatha ukuphila. Yiqiniso.

84 Manje bhekisisani, iZwi lilotshwe ngokweqiniso, isithembiso salowonyaka, siqinisekise ngokuphelele, futhi babesalokhu bengaLiqondi. Qaphelani, babesanda kuMvuma nje ukuthi ungumprofethi, uJesu waseNazaretha. "Ngabe nje U. . .Uyisihambi yini lapha? UJesu waseNazaretha, obengumprofethi onamandla ngesenzo phambi kukaNkulunkulu nabantu." BaMvuma ukuthi ungumprofethi! Manje-ke, uma babeMvume ukuthi ungumprofethi, umprofethi uthunyelwa lowonyaka aphila kuwo. Uzobonakalisa isithembiso sikaNkulunkulu. IZwi liza kumprofethi. Futhi uma Wayengumprofethi, khona-ke iZwi elithenjisiwe lalowonyaka lalizobonakaliswa nguYe, futhi babesalokhu bengaMboni. Nje abakwazanga ukukubona.

85 Bathi, "Wayengumprofethi, onamandla ngesenzo," nokuthi imisebenzi yaKhe wawuyini, "enamandla eZwini phambi kukaNkulunkulu, kanjalonjalo. Wayemkhulu, ngakho besethemba. . ." UIsrayeli babenamathemba abo akhelwe phezu kwaKhe; uIsrayeli wokomoya, hhayi uIsrayeli ibandla, i. . .isizwe nje. A—abantu, uIsrayeli wangomoya weqiniso babenamathemba abo phezu kwaKhe.

86 Futhi, qaphelani, manje-ke ngenkathi beMvuma njengomprofethi, Wayaphi na? Wenze nje impela umprofethi afanele akwenze, waqonda ngqo emuva eZwini. Niyabo? Emuva ngqo, ukukhombisa. Uma Wayengumprofethi abathi Wayenguye, Uya emuva ngqo ukukhombisa iZwi elethenjiswa laKhe uqobo, lalolosuku. Babesalokhu bengaMqondi. Bahambisana ngqo, bephuphutheke ngakho konke, abakuqondanga. IZwi elithenjisiwe lonyaka wabo, Wayengumprofethi ukubonakalisa leyonto efanayo.

87 Manje bukani, Wathi, "Eningaqondiyo, enilibele enhliziyweni ukuqonda konke abaprofethi akushilo ngoKristu, ukuthi Umele ukuhlupheka kanjani ngalezizinto Azisho, bese-ke engena enkazimulweni yaKhe, bese evuka ngosuku lwesithathu. Zonke lezizinto Afanele ukuzenza, futhi nokho aniqondi na?" Babefanele bazi ukuthi kwakukhona umuntu

owayenza ukuqinisekiswa kulokho ababethi babekukholwa. Kodwa babesalokhu bengakuboni. Wayeyisibonakaliso esiqinisekileyo somprofethi weqiniso—weqiniso, njalo; ukuba angabuyeli kwelinye izwi elithize, abuyele kwelinye elithize, kodwa ukuba afakazise iZwi ukuthi namhlanje Uyaphila esithembisweni saKhe.

88 Manje khumbulani, ngaphambi kokuba Afike, uJohane wafika enkundleni. Wayengumprofethi. Futhi wayeyini na? Umanduleni kaMesiya. Futhi wathi, "Angisuye uMesiya." Babecabanga ukuthi wayenguye, ngoba wayengumprofethi. Wathi, "Angisuye uMesiya. Angifanele ngisho nokuthukulula izichathulo zaKhe, kodwa Umi phakathi kwenu." O, uJohane wayeqinisekile ukuthi Wayelapho, ngoba Wazi ukuthi wayezoMethula.

89 Uyise wayengumpristi. Akayanga ekholiji labo, ukuyofundela ukuba ngumpristi. Umsebenzi wakhe wawusemqoka kakhulu. Waya ehlane, ukuba abe yedwa noNkulunkulu. Wayengafuni ukuphatha ikhadi lenhlanganyelo elivela kunoma ubani, noma babeyosho *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, ngoba babeyoxoveka kukho konke futhi bathonywe yi—yinqubo yomuntu wangalolosuku. Umsebenzi wakhe wawusemqoka kakhulu. Wayefanele ethembele kuNkulunkulu yedwa, ngokuba wayezomemezela uMesiya.

90 UJesu wathi, "Wayengukukhanya okugqamile nokukhanyayo, futhi okwenkathi yonyaka nanifisa ukuhamba naye, nakujabulela ukuhamba ngakuye. Kodwa nginobufakazi obukhulu kunobukaJohane." Niyabo? Uyi . . . Babesalokhu bengakukholwa.

91 Isibonakaliso esiqinisekileyo somprofethi weqiniso, enyuka, ebabuyisela eZwini. Babengayiqondi indlela yaKhe yokukhuluma.

92 Futhi, bukani, umBhalo wawushilo ukuthi lokho kwakuzokwenzeka, impela izwi ngezwi indlela okwakungayo. Ngisho noDavide, amakhulu eminyaka ngaphambi kwalokho, cishe iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili, wakhala yona leyonto efanayo Ayisho esiphambanweni. Futhi akungabazeki, ukuthi ethempelini ngalokho kusa, bangahle ukuba babehlabelele leloculo elifanayo, amaHubo 22, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" Ethempelini behlabelela ngakho, futhi, uNkulunkulu ababezisho ukuthi babemkhonza, babembethela.

93 Kunjalo nanamhlanje! UNkulunkulu abazisho ukuthi bakholelwa kuye, ozibonakalisa Yena uqobo, bayo, niyovala ngci yonke iminyango, futhi ningabi nabambiswano, kungabikho lutho okunye. Ba . . . Kuphambene nezivumokholo zabo. O nina abangaqondiyo, abalibele enhliziyweni ukwazi usuku esiphila kulo! UNkulunkulu akakuthembisanga yini lokhu ngezinsuku

zokugcina na? Ukuthi lelibandla laseLawodikeya liyoba sivivi kanjani, noJesu engaphandle, ezama ukungena ngobambiswano oluncane na? Yini uJesu na? IZwi, iZwi leqiniso elabonakaliswa. Engaphandle, ezama ukungena, futhi akakwazanga ukungena.

94 Ihora esiphila kulo, kusobala, baphuphuthekile, indlela efanayo. UJesu wathi bayobakanjalo. Abaprofethi bathi bayoba kanjalo. "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu. Abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, abangathandi okuhle, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, bephika aMandla akho," aMandla okuvuka kwaKhe, ukubonakaliswa kwaKhe ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi Uyaphila namhlanje, kuze kubephakade, ukuqinisekisa izinto Ayezishilo. Anginiklabalaseli, kodwa ngifuna nizwe.

95 Qiniso, amehlo abo ayesalokhu evalekile. Qaphelani, nakuba babengenakukholwa, kwakunento ethize kubo, baMmema ukuba angene. Washaya sengathi Wayezokwedlula.

96 Angahle enze kanjalo kuwe, kulobubusuku. Manje sengivala, ngizovala kuse eli ukuze ngibe nomugqa womkhuleko. Angahle ashaye sengathi Uzokwedlula. Mhlawumbe ikhadi lakho lomkhuleko ngeke libizwe, kodwa, khumbula, mhlawumbe Ukunikeza ukuhlola nje, futhi. Niyabo, Usenguye nje impela uNkulunkulu khona lapho njengoba Enguye phezulu lapha, kumbe kunoma iyiphi indawo. Uyakufakazisa lokho, usuku nosuku, ubusuku nobusuku. UnguNkulunkulu, ndawozonke. Niyabo? Ungosezindaweni zonke.

97 Manje khumbulani, Ushaya sengathi Uzodlula. Futhi baMcengisisa. Manje, babengaqondi ukuthi Wayekhuluma ngani, kodwa nokho imiqondo yabo yonke . . . Babengazi ukuthi bazokholwa yini.

98 Manje mningi nje umuntu onjengalokho, namhlanje. Mningi umuntu onjengalokho eBeaumont, kulobubusuku. Abazi ukuthi bazokholwa yini. Kodwa niyazi ukuthi benzani na? Benza into ehlakaniphe ukwedlula yonke enkulu umuntu ayengayenza, baMmema angene. Yilokho-ke. Yilokho-ke. Kungaleyonkathi-ke, futhi ngaleyonkathi kuphela, AngaZembula, uma Emenywa ukuba angene. Memukeleni angene, nithi, "Nkosi Jesu, ngiyazi umBhalo usho lokho. Ngingahle ngingakuqondi, kodwa ngena enhliziyweni yami. Ngifuna ukuKwemukela. Ngifuna ukuKukholwa. Manje-ke, Zibonakalise kimi."

99 Qaphelani, baMmema angene. Manje babengenakukuchaza, ba—ba, yi . . . Yena, nje U . . . Abakuqondanga Ayekhuluma ngakho. Konke kwakuxovekile, kubo. Babengenakukuqonda, kodwa nokho bathi, bamema, baMcengisisa, "Ufanele ungene!"

Wathi, "Qhabo, Ngi—Ngifanele ngiqhubeke."

100 "O, kodwa, Nkosi, U—Ufanele ungene! U, Ufanele ungene!" Futhi baMphoqelela baze, baMbiza, futhi Waze wadingeka angene.

101 Yileyondlela owenza ngayo. Bese kuthi-ke uma engena ngaphakathi, lokho kungenkathi EngaZembula. Angazazisa Yena uqobo uma engaphakathi.

102 Qaphelani ukuthi Wakwenza kanjani emva kokuvuka kwaKhe. IZwi elithenjisiwe langeqiniso, niyabo, abaqondanga ukuthi WayenguBani. Kodwa wathi angangena ngaphakathi kubo, khona-ke Wavula amehlo abo. Leyondlela, Esengene ngaphakathi endlini nabo lapho, Wavula amehlo abo emva kokuba Esengene ngaphakathi. Wavula amehlo abo. Ini? Hhayi ngokuphakamisa isandla saKhe wayesethi, "Vulekani, amehlo enu mawavuleke." Amehlo abo ayevulekile, empeleni, ngokomzimba.

103 Njengasezansi eDathani, noma—noma Dothani, njalo, kwakuyiyo, ezansi lapho ngenkathi babene . . . UElija wayesezansi lapho. Futhi a—amaSiriya laliphezu kwawo, noGehazi wakhala, "Baba wami, amaSiriya andawozonke."

104 NoElisha waphumela lapho wayesethi, "Baningi abanathi kunabanabo." Wathi, "Nkosi, vula amehlo alowomfana." Futhi ngakulowomprofethi omdala, naphezu kwegquma, kwakuyizinqola zoMlilo neziNgelosi zoMlilo.

105 NeBhayibheli lathi, "Washaya amaSiriya ngobumpumputhe." Waphumela lapho wayesethi, "Nifuna uElija na?"

Athi, "Yebo, sifuna yena."

106 "Wozani, ngizonikhombisa lapho ekhona." Futhi babekwazi ukubona, ngokomzimba, behlela phansi ngqo. Kodwa babephuphuthekile ukuthi wayengubani.

107 Nalokho ngukuthi, kulobubusuku, ungahle ube nokubona okuphelele emehlweni akho. Kodwa, umoya wakho, ungaqonda yini ukuthi YiZwi elithenjisiwe lalolusuku na? Isithembiso sikaNkulunkulu. UNkulunkulu ungena ngaphakathi, bese evula amehlo akho. "O, nguYe lowo, kunjalo na?" Wakwethembisa. Qaphelani, ngaphakathi, Wavula amehlo abo ukuthi WayenguBani, WayenguBani. Manje uma Engangena ngaphakathi kuwe, kulobubusuku, emgqeni wakho wokukholwa, Angavula amehlo akho, ukukukhombisa ukuthi amaHeberu 13:8 aqinisile, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Uma Engangena ngaphakathi futhi avule amehlo akho, Uzokwenza okufanayo manje.

108 Njengoba nje Akwenzela lowo wesifazane emthonjeni, sikhulume ngaye izolo ebusuku. Manje qaphelani, wayazi, ngomBhalo, ukuthi Wayezoba yini. Manje, leyo kwakuyingxenye enhle ngalowo wesifazane.

109 Abaningi bethu, namhlanje, abazi, ngomBhalo, ukuthi Uyini namhlanje. SiMfaka emkhombeni, njalo ngoKhisimuzi. Ya, sithatha unogwaja wePhasika futhi siwenze ukuvuka kwaKhe. Akumangalisi simathizethize onke. Niyabo? Kunjalo. Akumangalisi singazi ukuthi sikuphi. Kodwa lona wesifazane wayazi, wayenakho emqondweni wakhe, phansi enhliziyweni yakhe kwakuyileyoMbewu.

Njengoba ngiyidwebile, kumngani wami olungile, uJack Moore, namhlanje.

110 Ukuthi babekanjani labobaFarisi ngasohlangothini olumnyama *lapha*, inhliziyo yabo yayimnyama emuva lapho. BabenganakuPhila, kwasekuqaleni nje. Lapho bethola ukukhanya okukhudlwana, lapho benyuka, ngoba babengabezenkolo futhi basiza ukugcina imithetho. Futhi ngenkathi iZwi, emuva lapho ekuqaleni, lalikhanya phansi ngeZwi, iBhalibheli, kubo; babehamba, kodwa emuva *lapho* babengenakuKhanya.

111 Nakhu kwakukhona lesi esincane, isifebe esinegama elibi, impilo yaso yokuqala phezulu *lapha* yayimnyama bhuqe, empilweni yaso. Sasiyisifebe. Okwesibili, phansi, kwakungukuKhanya okuncanyana nje, ngoba sasinawo umqondo ukuthi uMesiya uyoba njani.

Lapha kwakumi uJesu, phakathi kwabo.

112 Ngenkathi Enza isibonakaliso sobuMesiya, wabakhombisa ukuthi WayenguBani nayoyonke into, kwenza mnyama yonke into yalabobaFarisi. Babuyela emuva ebumnyameni. Babengenalutho phansi *lapha* ukubambelela kuyo. BaMbiza ngo "Belzabule," udeveli. Futhi lokho kukhanya ababenakho, kwaphuma, futhi babhubha kukho.

113 Lapha kwakuyilo wesifazane, emnyama esonweni ngakho konke, kodwa enhliziyweni yakhe wayazi ukuthi lowoMesiya uyoba yini. Wayazi ukuthi sibonakaliso sini Ayezosikhombisa. Futhi kwathi nje Angasho kuye . . .

114 Wathi, "Ngiphuzise." Wathi . . . Wayexhumana nomoya wakhe, ukubona ukuthi wayemi kuphi.

Futhi wathi, "Akusilo isiko."

115 Wathi, "Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, nga ucele kiMi amanzi." Futhi ingxoxo yaqhubeka. Ngokuqondile ngqo Wathola ukuthi impela imicabango yakhe wawukuphi, futhi ukuthi kwakuyini ekusenhliziweni yakhe.

116 Wazi ngayo leyonkathi ngqo lokho, uma uMesiya efika, uMesiya wayefanele abe nguNkulunkulu. UNkulunkulu uyiZwi. IZwi lahlulela imicabango esenhliziyweni. Yilokho okwakukubaprofethi. Lowo wesifazane wayazi kakhulu kunengxenye yabashumayeli eMelika owaziyo kulobubusuku, kunjalo, kunjalo impela, futhi yena kuleso—lesosigaba. Kodwa,

niyabo, wayegcotshelwe ukuKhanya, futhi kwathi nje lokho kuKhanya kungabhoboka!

117 Futhi wayecabanga ukuthi Wayengumuntu nje ojwayelekile, mhlawumbe isiphakamiso. Wathi, "Ngani, obaba bethu bakhuleka kulentaba. Futhi Wena uthi eJerusalema, uyiJuda," nokunye nokunye, ingxoxo . . .

Wathi, "Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho kahle. Ubunayisihlanu."

118 Bhekisisani! Leyonhlansi yokuKhanya, yokwazi ukuthi WayenguBani, lokho kwakubukeka sengathi kwakuzoba njalo. "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi. Ngiyazi, uma uMesiya efika, yilokho Ayokwenza."

Wathi, "NginguYe."

Wathi, "Lokho kukuxazululile!" Niyabo?

119 Bonke ubunyama bakhe benziwa mhlophe. Bonke ubumhlophe babaFarisi benziwa mnyama, ngokuKwenqaba. Yilowo umehluko, ukuKhanya okukhanyayo ngeZwi. Niyabo? Ngoba igama lakhe lalifakwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, waKuqonda khona manje. Kwathatha leyoMbewu encane, yayilele emuva emva kwawo wonke lomhlabathi wobunja nayoyonke into enjengalokho, futhi kwayihlanza.

120 Yilokho Akuzelayo, ukuhlanza lezonhlobo uBaba ayeMnike zona ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Amen. Ngizizwa ngigcwala ukholo, nxa ngazi lokho ukuthi kuyiQiniso. "Akuyi ngovumayo, noma ogijimayo; nguNkulunkulu." Amen. Akusikho ukuthi wenze kangakanani, noma awenzanga kangakanani. Akukho-muntu ofune uNkulunkulu; uNkulunkulu ufune wena.

121 Futhi ngenkathi ukuKhanya kubaneka, labobaFarisi bathi, "O, lokho, ngike ngayizwa leyonto ngaphambili. UnguBelzabule. Lowo ngumbhuli." Khona-ke yonk'into yaba mnyama.

122 Nalona wesifazane omncane, emnyama phezulu *lapha*, futhi emhlophe phansi *lapha*. Wathi, "Ngiyazi nxa uMesiya efika. Ngibheke Yena. Nxa Efika, Uzokwenza lokho. Ufanele ukuba ngumprofethi waKhe."

Wathi, "Qhabo, NginguYe."

123 Wathi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Lelo kungebe yini yiZwi elahlulela imicabango osenhliziyweni na? Lowo kungebe yini uMesiya impela na?" Ubefanele ukuba seUnited States, eshumayela kulobubusuku, njengoba nje ngimelene kakhulu nakho. Yena, ubefanele ukuba lapha enza into ethize enjengaleyo, etshengisa abanye balababafo ukuthi yini uMesiya.

124 Qaphelani, wathi uma esengaphakathi, wavula amehlo abo. Manje-ke, ngomBhalo, Wazibonisa Yena uqobo. Manje Wavula amehlo abo.

125 Kwasekuthi-ke ngenkathi esho lokho, Uyangena. Yena owesifazane, i . . . Yini eyangenayo na? Isambulo; leMbewu eyayiphansi *lapha*, ngenkathi lokho kuKhanya kweNdodana kuyikhanyisa!

Ungathatha imbewu futhi uyimbele phansi kwedwala.

126 Ngibonile, kungekudala, lapho ababenezimbewu zikajikanelanga babenazo esishuqulwini cishe iminyaka eyizinkulungwane ezine, eGibhithe. Bathatha leyombewu, nomunye walowokolo owasusenqolobaneni, uJosefa awufaka lapho, yonke leyominyaka. Futhi ngenkathi ibekwa emhlabathini, nelanga layishaya, yaphila. Leyombewana yokuphila yahlala lapho.

127 O, mfowethu, ngenkathi simiselwa nguNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa komhlaba, ukuba sibe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu! Nxa lokho kuKhanya kuyishaya, akukho-hlelo, akukho-mincele yebandla, akukho kugxeka, akukho lutho okuzoyimisa. Izophila, ngoba wathi uNkulunkulu iyophila.

128 Bakuqonda. Amehlo akhe ayavuleka, futhi wakwazi. Wakwazi, esengaphakathi. Wawazi umBhalo, yingalesosizathu aMazi.

129 Lababafundi emva kokuvuka kwaKhe, babengawazi umBhalo, futhi yingalesosizathu bengaMazanga.

130 Futhi yingaleyondlela abaFarisi bengakwazanga. Wathi, "Hlolani imiBhalo. Nithi ninokuPhila okuPhakade, Ngi . . . Yiyo enitshela ukuthi NginguBani."

131 O, ukuqinisekiswa boBuYena! Manje-ke uma isithembiso singesiqinisekisiwe, amehlo abo avuleka, futhi baMazi.

132 Futhi, leyonto efanayo eyavula amehlo, yavala amehlo, futhi. Labo abahlekisa ngaKho, iPhakade kwababuyisela lapho ababekade bekhona ekuqaleni, niyabo, kwavala amehlo abo.

133 Amehlo kaPetru lavulwa yinto efanayo. Wayeyibhekile. Amehlo kaNatanayeli. UJesu wathi Wayebazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuthi babezoba yilezizithunywa.

134 Manje ebusweni bakho konke lokhu, kulonyaka esiphila kuwo, kwenzeni emehlweni enu na? Manje lowo ngumbuzo, hhayi ukuthi kwenzeni kwawabo. Wena ungakuluphi uhlangothi, kulobubusuku na? Manje ufanele ube phakathi kokuthi uzihlanganise nabaFarisi, noma wazihlanganisa nabaphostoli, noma amakholwa. Manje kukwenzele into ethize. Uvele nje—nje umelene naKho. Kwenze into ethize. Ukuba wawukade uphila ngalolosuku, ngabe wenzani na? Isimo sakho

samanje sikukhomba kanjani—kanjani na? Sikwenza kuphi wena na? Kucabange.

"Awu, ibandla lami . . ." Yilokho okwashiwo ngabaFarisi. Niyabo?

135 Usulungele ukuqonda uJesu Kristu, ngaMandla okuvuka kwaKhe na? Uyavuma ukushiya yonke into bese uhamba naYe na? Usulungele ukuMkholwa, uthatha ukuKhanya kwaKhe nokuPhila ukuyise kwabanye na? Kwenzeni na? Njengoba E—njengoba Embulwa ngalezizinsuku zokugcina, Wakwethembisa.

136 Manje wena uthi, "Mfowethu Branham, uMesiya wembulwa ngaleyonkathi. Ngiyazi umBhalo washo njalo."

137 Awu, lowoMesiya ofanayo wethenjiswa ukuZembula namhlanje. Into efanayo! Manje, amaHeberu 13:8, manje lalelani, aMkhomba ukuthi "nguyena izolo, namuhla, naphakade." UJohane 14:8 . . . Washo ukuthi, "Okholwa yiMi, niyabo, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." UJohane 14, isishiyagalolunye- . . . lapha siyathola, Wathi, "Kuseyisikhashana, nohlelo lwezwe, i*kosmos*, alisayi kuNgazi. Bayophuphutheka ngokupheleleyo. AbasayikuNgibona. Manjeke isikhashana futhi abayikuNgibona, nokho amehlo enu ayovuleka, ngokuba niyoNgibona; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

138 ULuka 17:28 washo. UJesu washo ukuthi, "Ngezinsuku zokugcina, ukuhleleka kwezwe kuyoba njengoba kwakunjalo nje ngenkathi abaZizwe ebhujiswa eSodoma naseGomora." Hhayi ngasikhathi sikaNowa, lapho uzamcolo (Unikeza izimilo ezimbi zangalolosuku), kodwa Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Manje lelo kwakuyizwe labaZizwe elabhujiswa ngomlilo. UNkulunkulu ubeka uthingo lwenkosikazi esibhakabhakeni, akusekho "manzi," kodwa ngumlilo ngalesisikhathi. Manje izwe labeZizwe selilungele imbubhiso.

139 Wathembisa ukuthi kuyoba khona impendukezelo enkulu ezweni. Uma wake wazibona ezinye zezithombe, indlela abesifazane abagqoka ngayo phakathi lapho, lokho okul'hlaza sibhakabhaka ngaphansi kwamehlo abo, kubukeka sengathi kade benokudleka. Bukani ukuthi benzani namhlanje! Ukuba nesimilo esibi, impendukezelo, o, ezinye zezinto ezisabekayo kakhulu, futhi lesisizwe singene egebeni kukho. Sihola lonke izwe ezehlukanisweni. Abesifazane bethu ulahlekelwe umgomo wabo—wabo—wabo wesimilo. Bephule umgogodla wesizwe. Futhi bonke, uhhafu wezinto eMelika owakhele phezu kwazo, wucansi; yonke into, iwiski yabo, ugwayi wabo, nayo yonke enye into. Nodokotela bethi, "Nguphoyizeni. Uzonibulala." Bawuphafuza baqhubeke ngqo, ngokufanayo nje. Bayokwenza, noma kanjani. Abanamuzwa wesexwayiso.

140 NemiBhalo uthi ngabo bangazigundi izinwele zabo, nezinto. Futhi angikhulumi ngalabo besifazane bezwe; lokho yinto engenamsebenzi, empeleni. Kodwa ngikhuluma ngani besifazane bePentecostal. Nazi kangcono kunalokho. IBhayibheli lasho ukuthi izinwele zikaSamsoni zamehlukanisa; ukuzalwa engumNazari kwamehlukanisela eZwini likaNkulunkulu. Besifazane, kuyokwenza into efanayo kini, umuntu ohlukanisiwe. NomNazari wehlukaniselwe iZwi, usukile ezintweni zezwe. Futhi uyakushumayela, futhi ukumemeze, futhi ukudazuluke, futhi ubuye ngonyaka ozayo futhi kubi ukwedlula okwakuyikho ngenkathi wawulapho. Ayikho into esele kuphela ukwahlulelwa kobuNkulunkulu kukaNkulunkulu, amabhomu e-atomu nemicibisholo ejikijelwayo nezinto, kwezwe lonke.

141 Abahlekisi kwithelevishini, futhi bexoxa, no—nomsakazo nezinto, bashaya amakhwela futhi bayacula, futhi besho amahlaya angcolile, futhi besho amagama okuthuka nezinto ezisabekayo ezingafanele ngisho nawukuvunyelwa, nawo wonke amaphephabhuku nezinto ananyekwe agcwele abanqunu, abesifazane abanesimilo esibi, yonke into, bezama ukududuza ingqondo, bezama ukukuthulisa. Kungikhumbuza ngomfanyana eshaya ikhwela emnyameni, edlula emangcwabeni, ezama ukuzenza acabange ukuthi akesabi. Wesabela ukufa, futhi uyakwazi. Uyazi ukuthi usekwahlulelweni, futhi kuyeza ngoba uhlambalaze uMoya oNgcwele, wale uJesu Kristu ovukileyo. Impela. Amehlo abo avalekile. Abakwazi.

142 ISodoma neGomora. UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo eSodoma naseGomora." Njengoba ngiphindile kini izolo ebusuku, asikaze sibekhona isikhathi emlandweni esihlelwe njengalesi. Bukani, uLoti . . .

Njalo kunezigaba ezintathu zabantu.

143 ULoti wayemele ibandla, elizisho ngegama nje. Uphandle eSodoma phandle lapho, lapho abesifazane babenqume izinwele zabo, futhi babenezinto ezinkulu, futhi wayengeyodwa yezinduna zomuzi, futhi izinto ezinkulu kanjalo, futhi, "Angizedlulele." Kodwa, empeleni, phansi enhliziyweni yakhe, kwawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe. Wayazi kangcono; wayekade enoAbrahama.

144 UAbrahama akazange ehlele kulo, ekuqaleni. Wayengokhethiwe uNkulunkulu amnika isithembiso, lokho kwakungukubheka indodana ezayo, indodana ethenjisiwe.

145 ISodoma lalisalokhu lisendabeni yalo. Futhi, khumbulani, lezoziNgelosi ezimbili zehlela lapho ukuyoshumayela.

Eyodwa yahlala noAbrahama naleloqembu.

146 Manje, bhekisisani, zehlela lapho ukuyoshumayela. Futhi, khumbulani, selokhu sibe kuleminyaka yebandla, akukaze kube nendoda ethunyelwe ebandleni, igama layo eligcina ngo h–a–m,

kuze kube manje. U G–r–a–h–a–m, isithunywa sehora, ebandleni eBabiloni, ezansi lapho eSodoma. Umvangeli omkhulu wenza umsebenzi omkhulu ngakho, futhi. Uyabaqhumisa, kwesokudla nakwesokunxele. Abakunaki. Wathi, "Ngizoba nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu emaviki ayisithupha; ngibuyele emavikini amanye ayisithupha, angisenawo amashumi amathathu."

147 Yin'indaba na? Abayindawo. Benyuka behlafuna ushigamu, bebhema osikilidi, nayoyonke enye into, ukwenza ukuvuma, noma bakubiza ngokuthi "isinqumo." Kulungile, ake umvangeli akuthathe ngendlela uNkulunkulu asho ngayo.

148 Kimi, akusiso isinqumo. Kungukuzalwa! Ufanele uzalwe. Unento ethize efanele yenzeke.

Nakho lapho esikhona, nokho, lapho, h–a–m.

149 Qaphelani, phezulu lapha egqumeni, kwakukhona Eyodwa eyahlala noAbrahama, kodwa bhekisisani ukuthi hloboluni lwesibonakaliso Eyasikhombisa. Futhi lokho kwaku ngu Ab- . . . UNkulunkulu wayekhombise uAbrahama isibonakaliso emva kwesibonakaliso, kodwa leso kwakungesokugcina ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ifike; esokugcina. UMuntu, Yayibukeka ifana noMuntu. YayinguMuntu nje ojwayelekile, igqokile; uthuli ezingutsheni zaYo, yathi Yayikade isohambweni, uAbrahama wageza izinyawo zaYo.

150 Kwase kuthi-ke ngenkathi Ihlala lapho, Ifulathele ithende, manje bhekisisani, Yathi, "Abrahama." Usuku noma ezimbili ngaphambili, wayekade engu *Abrama*, futhi yena wayekade engu*Sarayi*, S-a-r-a-y-i. Manje usenguS-a-r-a, "inkosazana." Akasuye uAbrama. *Abrahama*, "uyise wezizwe." Yadingeka ilishintshe igama lakhe. Qaphelani, Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

151 Manje khumbulani, wayenekhulu, futhi yena wayenamashumi ayisishiyagalolunye. Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

152 Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso." Niyabo? Nalezo yizinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, ngoSara.

153 Futhi uSara wahleka, njengoba kwakunjalo, ngaphakathi, wathi, "Mina, owesifazane omdala, ngibe nenjabulo nenkosi yami; yona isindala, nayo?"

154 Yathi, "Ukungabazeleni uSara lokho, ethi enhliziyweni yakhe, 'Zingaba kanjani lezizinto na?'"

Futhi wakuphika.

Kodwa Yathi, "Yebo, ukushilo."

UJesu wathi, "Njengoba nje kwakunjalo . . . "

155 Manje bhekisisani. UAbrahama wakuqonda kanjani lokho na? Manje, uAbrahama waMbiza ngo, “Elohim.” Bangaki owazi lokho ukuthi kuyiqiniso, abafundi beBhayibheli na? Yebo, mnumzane. UElohim Ngowenele konke, uMdali omkhulu uqobo lwaKhe. WaMbizelani ngoElohim na? Ngoba Wayengahlulela imicabango owawusenhliziyweni. Lelo yiZwi. AmaHeberu 4, athi—athi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lahlukanisa ithambo nomnkantsha, futhi lahlulela imicabango nemizindlo yenhliziyo.”

156 Kukanjalo, abaprofethi, uJesu ababiza ngo, “nkulunkulu.” UJesu waZifakazela kanjalo, futhi lowo wesifazane wazi ukuthi WayeyiZwi, Wayengehlulela imicabango. Futhi uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu yembulwa.”

157 Kwenzeni emehlweni enu na? Angangena ngaphakathi, kulobubusuku na? Ngithemba ukuthi Angangena. Khumbulani nje, asihloniphe nje futhi sikholwe ngayo yonke inhliziyo yethu.

158 Wethembisa, khumbulani, uMalaki 4, kuyovela uMlayezo oyo “buyisela u—ukuKholwa kwawobaba futhi, abuyisele abantwana kobaba.” O, bosolwazi bePentecostal, kwangathi uNkulunkulu angavula amehlo enu aphuphuthekile ngalolusuku, nisuke ekunganakini kwenu kwamahlelo, nezivumokholo zenu nezinto eniziqhenya kakhulu futhi nilwa ngazo, futhi nibuke eNdodaneni kaNkulunkulu ngenkathi Ilapha. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, Isaphila futhi iphakathi kwethu kulobubusuku, iqinisekisa isithembiso saYo.

159 Kwangathi uNkulunkulu, kulobubusuku, njengoba Esihlanganisa ndawonye njengoba Abenza eEmawuse, avale iminyango futhi embule into ethize kithi. Khumbulani, isizathu bazi ukuthi kwakunguYe, Wakwenza nje njengoba Akwenza ngaphambi kokuba Abethelwe; futhi-ke Wanyamalala emehlweni abo, ukuba aqhele kubo. Wakwenza ngaleyondlela. Kwangathi Angeza kulobubusuku, phakathi kwethu, futhi avule amehlo ethu, ngokuZembula kithi, ngezinto ezifanayo Azenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni, ngoba Wethembisa. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi iNkosi ingasisiza ukuba siYibone lapho Ibonakala kithi.

Asikhothamise amakhanda ethu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

160 Iyini impokophelo yami na? Iyini injongo yami ngasempokophelweni yami na? Nkosi Nkulunkulu, ngeke ngathi yebo noma qha. NguWena kuphela okuphoqelelayo Lokhu. Wakwethembisa, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzovumela abantu babone futhi baqonde, kulobubusuku. Makuthi bona, kanye, Nkosi, bavule lezozinhliziyo, zivuleke kabanzi, bathi, “Ngena,

Nkosi, manje Zembule kimi." Futhi kwangathi amehlo abo angavuleka ke, ukukuqonda.

161 Kwangathi kungebebikho soni esishiywa endlini kulobubusuku, ongakholwayo. O, kungahle kube nalabo lapha abangaba yi . . . abanga—abangangicasukela nje ngokubabiza ngesoni. Kodwa, Baba, Nkulunkulu, Wabiza abaFarisi, ababekholwa nosonkolo bokuqina, ngo "develi" wathi, "ningabakayihlo, udeveli, futhi imisebenzi yakhe niyayenza," ngoba abaliqondanga iZwi eliqinisekisiwe, uMesiya. Babekwazi ukuMkholwa, emoyeni; kodwa ngenkathi besenyameni, qhabo. Futhi, nokho, umBhalo wabo wathi Uyoba ngu "Nkulunkulu enathi."

162 Baba, ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzosipha futhi. Ngabe ukhona lapha odinga amehlo abo avulwe na? Banike umuthi wokugcoba amehlo Owawethembisa eSambulweni 3, oNyakeni waseLawodikeya; bathenge umuthi, ukuze amehlo abo avuleke kulobubusuku, ukuze baqonde ihora esiphila kulo, nokuqinisekiswa kwesithembiso sikaNkulunkulu ngalelihora. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

163 Yiliphi ikhadi lomkhuleko na? U K. Besikuphi . . . Siqale kwelokuqala, izolo ebusuku, asiqalanga na? [Omunye uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Kodwa asinaso isikhathi esiningi kakhulu, imizuzu eyishumi nanhlanu noma engamashumi amabili nokho. Asiqale . . . Futhi unikeza ikhadi lomkhuleko u K. Manje nibambe amakhadi enu, sizofinyelela kuwo onke.

164 Lokhu, into ethize manje, emva kokukhuluma . . . Kwakuvame ukuba yilokho, noma ngabe ubani owayekhuluma, babekhuluma. Niyakukhumbula lokho, ngangivele ngihambe nje ngingene ngqo bese ngiqala umugqa womkhuleko. Kwakulula kakhulu. Kodwa, namhlanje, ngi—ngi—ngifanele ngenze enye into ethize. Niyabo? Futhi ngi—ngifanele ngilethe Lokhu, yilokho kuphela. Uma kwemukelwa . . . Ngi—ngingavele nje ngihlwanyele iMbewu. Ngi—ngingeYenze iphile. Izofanele iwele ohlobweni olukahle lomhlabathi.

165 Niyazi, iMbewu yaKhe uQobo, bathi Wahlwanyela. Enye yawela eceleni kwendlela, ayisizanga ngalutho nhlobo. Enye yawela emeveni, kodwa, nasemhlabathini onamatshe. Kodwa enye yawela emhlabathini omuhle. Leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu.

Ngingahlwanyela iziMbewu nje, indlela efanayo. Niyabo?

166 Kwangathi Angathatha ukungazi kwami, akubeke ngale kwelinye icala; bese ethatha inhliziyo yami, ukuthi ngiyaMkholwa, bese ebuka phansi bese ebona ukuthi ngabe ngiyaMthanda, noma qha; bese kuthi-ke angithethelele zonke izono zami, bese engisebenzisa noma ngayiphi indlela A—Angathola ngayo inkazimulo kimi. Ukuphila noma ukufa, akunandaba, inqobo nje uma kuMkhazimulisa.

167 Manje ngicela wonk'umuntu, eGameni leNkosi uJesu, sizani nihlale phansi imizuzu embalwa nje. Ningalokhu niyaluza. Lokhu kuzohlala njalo kukanje. Ninga—ningakucabanga nje ukuba magange kokubonakala kukaJesu Kristu na?

168 Manje uma ngihambe ngaphuma lapha, njengomuntu, ngathi, "NgiyiNkosi uJesu," ngaba nezinwele ezinde; asazi noma Wayenazo noma qha. "Nginezibazi zezipikili ezandleni zami," ehhe, noma yimuphi umzenzisi angakwenza lokho. "Nginamafutha negazi, nakho konke . . . " Lokho, kusalokhu, lokho akuzange . . . UmBhalo awukwethembisanga lokho.

169 Ubuyomazi kanjani uJesu na? Awu . . . Wena uthi, "Awu, bengingaMazi ngesithombe saKhe." Qhabo, leyo ngenye isayense ephathelene nengqondo eyadweba lokho. Asazi ukuthi Wayebukeka kanjani. Niyabo? Angazi ukuthi Wayeyini. Lokho ngukuthi, niyabo, kuzofanele kube ngaleyondlela.

170 URebeka wayengamazi uIsaka ukuthi wayebukeka kanjani, kodwa kwakuluthando, empeleni. Niyabo? Wayengazi ukuthi Wayebukeka kanjani; wayedingeka ahambe nje. Izifanekiso! Umbonile futhi wamthanda. Wavuma ukuhamba, noma kanjani, akunandaba ukuthi wayebukeka kanjani.

171 Kodwa bengiyoMazi kanjani na? UJesu wathi, "Baziwa ngezithelo zabo." Manje uma uJesu waye lapha, Ubengeke abe sesimweni somzimba njengami, ngoba lowomzimba uhlezi ngakwesokunene soMkhulu, kodwa ukuPhila kwaKhe kulapha.

172 Futhi, khumbulani, lesi isithembiso sokugcina, isibonakaliso sokugcina ibandla elisitholayo, ngaphambi kwesibonakaliso esithenjisiwe—iNdodana ethenjisiwe ibuye. LowomBhalo ungephulwe, niyazi. Masinyane emva kweSodoma, indodana ethenjisiwe yafika, futhi iSodoma lashiswa. Kuyoba njalo futhi!

173 Asibize ekhadini lomkhuleko, sisho cishe . . . Siyephi, elokuqala kuya kweleshumi nanhlanu, izolo ebusuku na? Asithathe elinye ishumi nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini. Ikhadi lomkhuleko u K. Bekuyilo lelo, u K na? U K, amashumi ayishiyagalombili-nanhlanu, ubani onalo na? Phakamisa isandla sakho. Yebo, undawondawo na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, woza *ngapha*. Amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye, ku K. Amashumi ayisishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, ikhulu, shaya umugqa phansi lapha, ngisakhuluma nezethameli zonke, umzuzwana nje.

174 Bangaki lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko na? Futhi uqotho ngempela, futhi ufuna uNkulunkulu akusize, phakamisa

izandla zakho. "A—anginalo ikhadi lomkhuleko, Mfowethu Branham." Manje bhekisisani. Manje ningazulazuli. Sh! Dedelani nje labo abaphumayo, benyukela lapha, umzuzu nje. Hloniphani ngempela manje, imizuzu nje embalwa.

175 Cabangani, siseBukhoneni bukameHluleli weZulu nomhlaba. Ubungahlonipha kangakani uma ungaMbona emi lapha na? Ubungaguqa ngamadolo akho, udazuluke, ukhale, yonke into. Kodwa Ulapha. Wakwethembisa, "Lapho kungahlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi . . . " Lokho akuchazi, ngoba nje uvele washiwo, "Nanti iGama." Lokho kuchaza, " . . . eGameni laKhe, Ngiphakathi kwabo." Qaphelani.

176 Manje bonke sebelapho, engibabizile na? Qhabo. U K, amashumi ayisishiyagalombili-nahlanu, ngabe yilelo engilibizile, noma amashumi ayisishiyagalolunye na? [Omunye uthi, "Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu."—Umhl.] Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini, manini *ngapha*. Uma ungeke uze, omunye . . .

177 Kunomuntu osohlakeni lombhede lapha, omunye akahlole ikhadi lakhe. Mhlawumbe indoda ayikwazi ukuhamba. Buka uma—uma leyo kuyinombolo yakhe. Ngiyabona inekhadi lomkhuleko esandleni sayo. Uma kuyiyo, ngani, ningayiphushela emgqeni womkhuleko. U K, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini. Uma kukhona omunye ongakwazi ukwenyuka, mhlawumbe omunye oyisithulu; qalazani emakhadini omunye. Futhi nisenza lokho, bukani lapha kimi, nonke.

178 Manje, niyakukholwa ukuthi, "Yena, ekuqaleni, wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu; uLizwi wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu"? "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Niyakukholwa lokho na? Khona-ke, lokho iZwi ebelihlala likwenza, bekungukwahlulela imicabango yenhliziyo. Yingalesosizathu abantu bona bazi ukuthi uJesu wayenguMesiya. Kunjalo na? Bangaki okwaziyo lokho na?

179 Manje, kwakukhona owesifazane omncane, ngesinye isikhathi, owayekholwa ukuthi uma wayengathinta ingubo yaKhe wayeyosinda. Niyayikhumbula indaba na? Manje, khumbulani, wakholwa nje. Wayesesimweni somzimba ngaleyonkathi.

180 Futhi, khumbulani, Wakwenza nje lokho kanye. Kuphela Watshela owesifazane ayekwenzile; wayenamadoda amaningi kakhulu. Futhi lowomuzi wonke waseSikari waMkholwa, ngenxa yobufakazi bowesifazane, futhi yena isifebe.

181 Futhi manje ngeke bakholwe uma u—umfundisi omesabayo uNkulunkulu, ogcotshwe nguNkulunkulu, neVangeli,

engabatshela. Basalokhu bengakukholwa, ngeke bakukholwe. Niyabo? Niyabo? Kufiphele kakhulu nje, kumnyama! Ukuthembeka kuya ekulungeni, izwe lonke, libukeka sengathi linomthwalo kulo. Nje, angikwazi ukukuchaza, kodwa kulapha. Bangani, phaphamani! Sekuleyithi kunoma sicabanga.

182 Manje hlalani lapho futhi niMbuke. Manje iBhayibheli lathi, kumaHeberu 4, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? Manje uma EyilowomPristi oMkhulu, futhi uMthintile, uyothinta njengalowo wesifazane athinta. Manje, Akezwanga ukuthinta komzimba; Wathi, "Ngiyabona Ngibe buthakathaka." Amandla aphuma kuYe. Manje uma EsengumPristi oMkhulu, usengadonsa amandla kuYe, ngoba Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

183 Khona-ke Ukwenza kanjani na? Njengoba uNkulunkulu asho. Ngezinsuku zaseSodoma, sasiyini lesosibonakaliso na? UNkulunkulu, uElohim, kumuntu, odlayo, aphuze. Niyakuqonda lokho na? UJesu kwakunguNkulunkulu kumuntu. Yingalesosizathu Ahlulela imicabango yabo, uNkulunkulu kumuntu! Ekuphinda futhi, kwashiwo ukuthi kuyophinda futhi ezinsukwini zokugcina. "Lapho Eyokwembulwa, kuyoba njengoba kwakunjalo ngemihla yaseSodoma." Amadazini aphindwe kamadazini emiBhalo obunganakiwe. Kodwa awudingi ukuba ubenokuhumusha; uNkulunkulu uzokuhumusha uma kulungile. Uzofakazisa ukuthi kulungile. Manje yiba nokukholwa futhi ukholwe. Izwi elilodwa elivela kuYe lifanele likuxazulule.

184 Manje, Baba waseZulwini, leli yiZwi laKho, eledlula konke engikwaziyo. Manje konke kusezandleni zaKho, Baba. Ngiyazinikela qobo lwami kuWe, nalezizethameli. Makube njalo kulobubusuku, uma sihamba sisuka lapha, kwangathi singathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho iNkosi yethu uJesu, esimweni sikaMoya oNgcwele, ikhulume kithi siselapho na?" Siphe khona, Baba. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu, okwenkazimulo yaKhe. Amen.

185 Manje yibani nokukholwa, kholwani. Ngiyakholwa uMfowethu Pearry uzokususa lokhu ngapha, emzuzwini nje.

186 Futhi manje, khumbulani, lababantu angibazi. Ba . . . Ngiyabazi lababefundisi lapha, ngiyabazi ngamunye wabo, kodwa angimboni omunye engimaziyo. Ngiyazi kunabanye abantu khona lapho ebengingabazi. Uma ngingenzi iphutha, ngicabanga ukuthi lona nguMfowethu Pat Tyler ehlezi khona lapha; anginaqiniso, ehlezi ngqo . . .

187 Emgqeni womkhuleko, uma nginga, niyazi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu. Nina enikulomugqa womkhuleko lapha, onekhadi, ozayo, phakamisani izandla zenu. Yebo, mnumzane. Manje, lapho, nazi okufanayo.

188 Manje nanti iQiniso. Uma Evukile ekufeni, khona-ke Wethembisa ukuthi uNkulunkulu uyokwenziwa aziwe enyameni yomuntu. Manje, akunandaba ukuthi Ungigcoba kangakanani, nifanele nigcotshwe ngokukholwa ukuba nikukholwe. Niyabo? Kuthatha thina sobabili. Nina . . . Owesifazane owathinta ingubo yaKhe, wadingeka ukuba akholwe. Wayeyokwedlula. Niyabo? Wadingeka akukholwe. Niyabo?

189 NguNkulunkulu! Manje uma omunye ecabanga, "Isiphiwo u—ummese omkhulu kakhulu. UNkulunkulu ukunikeza isiphiwo, ungasithatha futhi usisike izincwezu, futhi wenze o . . ." Unomcabango oyiphutha wesiphiwo. Isiphiwo ukwazi ukuthi uzisusa kanjani wena endleleni, futhi uvumele uNkulunkulu enze Afuna ukukwenza. Niyabo, kungukwazi ukuthi ungaziphumuza kanjani qobo lwakho, ukuthi uNkulunkulu angakusebenzisa ngendlela Afuna ngayo. Nje suka endleleni. Niyabo?

190 Manje angazi namunye walababantu, angimazi lomuntu olapha. Nanti inenekazi limi lapha, libukeka lithi alifane nowami oyigugu osanda kwedlulela eNkazimulweni, maduzane. Bengingeke ngibe yinto esabekayo, uma umama wami ubengabuka eseNkazimulweni kulobubusuku, ecabanga ukuthi ngizoza lapha ukukhohlisa umuntu bandla onjengalowo na? Mpokophelo yini ebengingaba nayo na? Bengingahlanya. Ngilapha ukuzama ukukusiza, nenekazi.

191 Futhi into kuphela engingayenza ngukwenza nje lokho engithunywe ukukwenza. Angeke ngenze abantu bakholwe. Angeke ngenze noyedwa akholwe. Kuphela, ngine . . .

192 Angisuyena usiyazi wenzenkolo. Angisuye ngisho . . . Angisuye u ke- . . . Angizibizi ngomshumayeli, niyabo, ngoba anginamfundo. Umshumayeli namhlanje ngomunye oneZiqu zabo zobuNgcweti nesiqu sobuDokotela. Ngani, angizazi lezozinto ukuthi ziyini.

193 Omunye wangibuza ngelinye ilanga, wathi, "Awuwasebenzisi kahle amabizo nezabizwana zakho."

194 Ngathi, "Angiwazi ukuthi ayini. A—angazi." Ngangingazi ukuthi ibizo laliyini, noma isabizwana. Bengingeke ngikutshele, ukusindisa impilo yami, umehluko phakathi kwebizo nesabizwana. Angeke ngikutshele.

195 Kodwa into eyodwa engiyaziyo, ngiyaMazi, aMandla okuvuka kwaKhe. Yilokho engikunakekelayo, niyabo. "Yena," nguYe kuphela engifuna ukumazi. "UkuMazi, ngukuPhila." Futhi yilokho engikufunayo, ukuPhila, ukuba ngiphile. Yilokho okukhonela lapha, ukuPhila, ukuba uphile.

196 Manje, nenekazi, uma iNkosi uJesu ezokwembula kimi into oyenzile, into owawungafanele uyenze, into okhonela yona lapha. Njengoba Enza kowesifazane, wamtshela ukuthi yini eyayingalungile ngaye; mhlawumbe asho ukuthi yini

engalungile ngawe, uma kukhona, khona-ke uzokwazi noma kuyiqiniso noma qha. Uzoba ngufakazi walokho. Lokho kuzokwenza . . . Uzokwazi ukuthi kukhona iNto, into ethize idingeke ivele ndawondawo. Ibingeke ibe ngeyemvelo. Ibizofanele ibe ngaPhezu kwemvelo. Kulungile. Ibingakubangela ukuba ukholwe ukuthi leliZwi engilishilo, kuzoba nguNkulunkulu ehumusha iZwi laKhe uQobo, khona-ke lokho kuzoba nguNkulunkulu eqinisekisa na?

197 Ngabe izithameli zizokholwa ngokufanayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Hloniphani ngokuzithoba manje. Manje khumbulani, hloniphani ngokuzithoba ngempela.

Wena uthi, "Uyalibazisa, Mfowethu Branham?"

198 Yebo, impela. Angimazi owesifazane. Kuzofanele kuthathe enye into ethize, iNgelosi yeNkosi, uMoya oNgcwele qobo lwaWo.

199 LeyoNsika yoMlilo eyahola abantwana ngoIsrayeli, uIsrayeli edabula ehlane. Niyabo, ngenkathi Elapho, WayenguJesu. "UMose ethi—ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo yaseGibhithe." Washiya iGibhithe.

200 Ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Wathi, "Ngiza kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu." Wafa, wembelwa, wavuka, wenyukela phezulu.

201 NoSawulu, esendleleni ebheke ezansi eDamaseku, washaywa phansi ngalokho kuKhanya okufanayo. NaleloJuda lalingasoze labiza ukukhanya okuthize okuyilumbo ngokuthi, "Nkosi." Futhi wathi, "Nkosi, Ungubani na?" Wazi ukuthi leyo kwakuyiNkosi eyahola abantu bakubo bedabula ehlane.

202 Wathi, "NginguJesu." "Onguyena izolo, namuhla, naphakade."

203 Manje uma lokho kuKhanya okufanayo kuphakathi kwethu, niyabo, khona-ke KuZiqinisekisa khona ngokuveza oKwakwenza lapho. Manje uma Ezokwenza lokho, lokho kuzosenza sikholwe futhi sijabule, kungeke na? Kwangathi Angasipha khona. Nina ni . . .

204 Ngiyanithola nje ukuba ngisho into ethize. Niyabo, uma u . . . Uma uzisusa wena, kuphakama kuye phezulu le; futhi nje noma yiliphi izwi olishoyo, noma yini. Niyabo, uyisidalwa esingumuntu, unomoya. Futhi noma ngabe lowoMoya uyini, uthi nje Ungagcoba, ngiyabona, ngingabona nje ukuthi kuyini futhi iyiphi indlela oya ngayo lapho, nge . . . Leso isiphiwo sikaNkulunkulu. Yileyondlela Akwenze ngayo, washo kowesifazane. Into efanayo, into efanayo impela.

205 Manje ulapha ngoba ukhonela omunye othize. Ufunela omunye othize umkhuleko, futhi lowo omunye othize usesibhedlela. Ya. Futhi yisifo sofuba. Futhi lowo umyeni wakho. Kunjalo. Futhi enye into engiyibonile, usibekelwe ukufa.

Kunomoya omnyama phezu kwakhe, ngoba akasuye umKristu. Kunjalo. Akusilo iqiniso lelo na? Uyabo? Akasuye umKristu. Usibekelwe ukufa. Futhi ukhathalele ukuthi uyamemukela uKristu.

206 Futhi ngiyabona ubunenkathazo ethize, nawe. Noma bakubheke ukuthi ubene TB, noma into ethize enye. Yikho, ube nex-rayi noma into ethize. Ba—bakwenze ix-reyi nje benzela iTB. Kunjalo, akunjalo na?

207 Manje uzohamba yini, ukuba ukholwe ngenhliziyo yakho yonke na? Manje njengoba nje ukholiwe, noma ngabe yini oyikholiwe Lokhu bekumanje okukwaziyo, njengoba ukukholiwe nje; yana kuye, umtshele ukuthi kwenzekeni lapha, futhi mhlawumbe lowomoya omnyama uzosuka; uzosindiswa, khona-ke uzosukuma futhi eze ekhaya. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje. UNkulunkulu akubusise.

208 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho ngukuthi, ungaKwehlulela noma yini oyifisayo. Sekukuwe manje.

209 Sawubona, nenekazi? Ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye nomunye, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengembula kimi izinkathazo zakho na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Futhi uma Ubezokwenza, bekuzokubangela ukuba ukholwe kakhulu, bekungeke na? Leyondoda enyuka isuka lapha, niyabona. Ukukholiwe lokho emizuzwini embalwa edlule. Qha, ulapha umele omunye umuntu, futhi, lowo ngumyeni wakho. ["Yebo, mnumzane."] Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ingembula kimi ukuthi yini engalungile kumyeni wakho na? Uyakukholwa na? Unesibhono. Kunjalo. Futhi kunomntwana lapha onokuhlupheka, omkhulekelayo, futhi. Uyakholwa ukuthi lokho kuzokwenzeka, futhi na? Kulungile. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Njengoba nje ukholiwe, ngakho makube un-. . . Uyabo, ngeke ngaphilisa. Ngingasho kuphela, uyabo, engikubonayo. Futhi kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kuzoba yindlela okukholwe ngayo. Kukholwe, neNkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise.

210 Nje ungangabazi. Yiba nokukholwa. Hlonipha ngokuzithoba ngempela nje. Manje uma—uma uqala . . . Ningaqali ukuyaluza. Niyabo, nihleli kahle ngempela. Hlalani nikanjalo futhi nilalele, imizuzu embalwa.

211 Sawubona, mnumzane? Angikwazi, siyizihambi omunye nomunye, kodwa sizofanele sihlangane eNkantolo yokwaHlulela kaKristu futhi siphendule ngokubonaka kwethu—kwethu lapha kulobubusuku. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na? Impela uyakukholwa. Ngi—ngibhekisisa ukuKhanya nje, mnumzane, uyabo, wugcobo, uMoya oNgcwele.

212 Manje, uphethwe isisu sakho. Isisu sakho siyakuhlupha. Kunjalo. Futhi unento ethize ozama ukuyiyeka, yinjwayelo. Futhi yilokho ngempela okubangela isisu sakho, kuzoya emdlavuzeni masinya nje uma ungakuyeki, ukubhema. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyisusa kuwe futhi a—futhi akusindise na? Uzokuyeka na? Uyakholwa uma ngibeke izandla phezu kwakho manje...ngenkathi leNto owaziyo ukuthi ibonakala iyimfihlakalo kuwe na? Kodwa lologcobo lukaKristu, uma ngizoMcela ukuba asuse leyonto kuwe futhi akusindise, ungamlalisa phansi futhi usuke uhambe. Uyakukholwa lokho na? [Indoda ithi, "Ngiyakukholwa lokho."—Umhl.] Woza lapha. Woza lapha, mnumzane.

213 Sathane, phezu kwezisekelo zokukholwa kwethu, uBukhona bukaJesu Kristu Owakunqoba nalolonke uhlobo lwakho, ngiyala lodeveli, othumela lendoda ethuneni kungakabi yisikhathi, nalabo sikilidi, phuma kuyo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

214 Hamba manje futhi ukunqobe. Kholwa, futhi uphile njengoba ufanele.

215 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Qhubekani nje nikholwa.

216 Sawubona? Nenekazi elibukeka linobungani obukhulu, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Isizathu ngisho lokho, ngenkathi E...Sewake wayifunda incwadi yami na? Yasho phakathi lapho, "Uma ungathola abantu ukuba bakukholwe." Uyabo, leyo yinto enkulu, ufanele uyikholwe. Usanda nje...Ayikho enye indlela yokusondela kuNkulunkulu kodwa, ngesiphiwo, kodwa ukukukholwa.

217 NjengoMarta wathi, "Ngi—ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Uma Ubulapha, umnewethu nga engafanga." Uyabo? Wasondela kukho ngokuyikho. Kanti, wayenelungelo ukuqophisana naYe ngokungezi, futhi akakwenzanga. Uza ngenhlonipho, futhi wakuthola akucelayo.

218 Manje uyakholwa ukuthi—ukuthi uNkulunkulu ukhona futhi wazi izinto zonke na? Futhi uyakholwa ukuthi Uyakwazi ukwembula kimi izinto engalungile kuwe na? Inkathazo isesiswini. Unezifo ezelakanyanayo, izinto eziningi ezingalungile. Futhi unesifo ezilakanyanayo, leso isimila esisesiswini. Kunjalo ngalokho. Kunjalo. Kulungile. Nkosazana Whitley, qhubeka ubuyele ezansi, kholwa ngayoyonke inhliziyo yakho, futhi uzosinda. Kulungile. Yisimanga ngibize igama lakho na? Uyakwazi, futhi, uyabo.

219 Sawubona? Manje unenkathazo yabesifazane, nalokho kukhombisa ukuthi isezibelethweni, futhi yisikhwama esinobovu ezibelethweni. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu angasisusa lesosikhwama esinobuvu na? Bekufanele ngikutshele ukuthi kwenzekani kumkami maduzane nje. Uyabo,

ngenkathi...Wabuzwa ubufakazi na? Awu, okwakho kungeke kube njengokwakhe na? Kulungile, kuzoba ngaleyondlela uma nje uzokukholwa ngayoyonke inhliziyo yakho.

220 Buka lapha, ntombi. Okwakho yinkathazo yamanenekazi, futhi, ukungahambi kahle kokwabesifazane. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu ukhona ukukwenza usinde nokukuphilisa na? Futhi kholwa-ke ukuthi kuzophela konke, futhi uqede ngakho, futhi uzosinda futhi ube...uphile impilo ejwayelekile na? Kulungile. Hamba, kukholwe manje, kuzoba ngaleyondlela nje.

221 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa isifo sikashukela, futhi, akusindise na? Kulungile, qhubeka nje uhambe unqamula emsamo, uthi, "NgiyaMkholwa." Futhi uzokunqoba uma nje ukukholwa. Ukuthekelisa ngegazi eKalvari kuzokwenza kube njalo.

222 Manje kukhona okuthize okwenzekile ezethamelini, angikutholanga nje kahle.

223 Inenekazi lihlezi khona lapha, lingibuka, liphethwe yinkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa na?

224 Khona eceleni kwalo yinenekazi elinenkathazo yenhliziyo. Khona emuva lapho ne...Ngemuva ngqo, elifake isigqoko esibukeka simnyama, linenkathazo yenhliziyo.

225 Ubunayo, futhi. Ubunayo. Uyabo, ngithe ubunayo. Nobabili senikhululekile manje. UJesu Kristu unisindisa nobabili. Kulungile, qhubekani nendlela-ke, futhi uNkulunkulu anibusise. Yibani—yibani nokukholwa, nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu.

226 Eminyakeni yakho yobudala, unezifo ezelakanyanayo, izinto eziningi ezingalungile. Kodwa enye yezinto ezinkulu ofuna ikhulekelwe, yinhliziyo yakho, futhi. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa kuleyonkathazo yenhliziyo, futhi akuphilise na? Kulungile. Hamba, ukukholwa, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi," futhi uzoba nokuphiliswa kwakho.

227 Ukugula kwemizwa kade kumhlupha isikhathi eside, kumnika indlala yowesilisa, avuke ebusuku, kodwa enye yezinto ezinkulu onayo, yilesisifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa kulokho futhi akusindise na? Qhubeka nje uye phambili, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami."

228 UNkulunkulu angaphilisa noma yiluphi uhlobo lwesifo segazi, ukuphaphatheka kwegazi, kumbe noma yini enye. Uyakukholwa lokho na? Kulungile. Qhubeka nje, noNkulunkulu uzokusindisa. Kukholwe.

229 Sawubona? Ngikubona uzama ukuvuka embhedeni, kancane ngempela, isifo samathambo sesithi asikuthole. Kodwa uyakholwa ukuthi uzokuyeka, kulobubusuku, futhi manje

uzosinda na? Nje qhubeka nokuhamba unqamula emsamo, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu," futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

230 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Akaqhubeke. Uphiliswe lapho, empeleni, ngakho nje—nje . . . Ukubambile lokho, qobo lwakhe, nokho!

231 Woza. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu angayiphilisa inkathazo yesisu futhi akusindise, futhi akuthumele ekhaya uyokudla na? Qhubeka futhi ukukholwe, noJesu Kristu uzokusindisa.

232 Woza, nenekazi. Uyakholwa ukuthi inkathazo yeqolo, . . .?. . . inkathazo, izinto, zizosuka kuwe, lapho uhamba unqamula kulokhu na? Qhubeka uhamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

233 Nicabangani nonke na? Ngabe—ngabe lokhu ikhona into okuyenze emehlweni enu, okosuku na? Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bukani nje kuhamba lapho, nabantu!

234 Manje nina ezethamelini, kholwani, bonani ukuthi ini uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, uma Iseyiyo iNdodana kaNkulunkulu.

235 Ya, labobantu behamba, behlala phakathi, bonke bajabule; bebukana, bethokoza, bexoxelana ngokuthi zinto zini ezinkulu iNkosi ezenzile.

236 Inenekazi elincane lihlezi lapha, liphethwe yinkathazo yeqolo. Lihlezi khona lapha, linezinwele ezibukeka zimpunga; qhabo, inenekazi emva kwakho. Uthinte Into ethize, awuzange na? Uyazi ukuthi bekungesimi. BekunguYe, umPristi oMkhulu. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi iqolo lakho ngeke lisaphinde likukhathaze na?

237 Ungathanda ukubeka labosikilidi phansi, bese uthi, "Angisophinde ngibacoshe futhi, mnumzane," inenekazi lihlezi eceleni kwalo na? Ukuzamile isikhathi eside, kodwa awukwazi ukuba nokukholwa phezu kwakho, ngandlela thize. Uyakholwa manje ukuthi unokukholwa phezu kwakho na? Phakamisa izandla zakho uma uthi, "Sengiyakukholwa manje." Kulungile, ungabe usabhema. Hamba uye ekhaya futhi usinde. Yenza njengoba ufanele wenze.

"Uma ukholwa!"

238 Inenekazi elincane lihlezi lapha lifake ibhantshi elibomvu, lingibuka, liphethwe yisifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa, nenekazi na? Uyakholwa na? Kulungile. Ungaba nakho okwakho. Kulungile.

239 Ngabe lokho kukuxhuxhumisile, dade uhlezi laphaya na? Inenekazi linezifo ezilakanyanayo. Lizokugeja. Nkulunkulu, ngisize. Nkk. Cox, uyakholwa na? Kulungile. Akuzange . . .

Ubecabanga ukuthi ubengazedlulela nalokho, kodwa akakwenzanga. Ukutholile, nokho.

Asithi, "Ayidunyiswe iNkosi," bangani. Anazi yini . . .

240 Mnumzane, unomdlavuza, ijondisi ephuzi. Ungeke waphila, ulele lapho. Kunjalo. Angi, ngeke ngakuphilisa. Kodwa ubungeke ukufihle okungalungile kuwe. Uyabo, ulapho. Wena, ungeke waphila uhlezi lapho, uyakwazi lokho, ngoba a—awusekho. Bathi usesiswini sakho, futhi unjalo. Usesibindini, okubangela ijondisi ukuba inyuke. Kodwa uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi usulungele manje, njengalawomadoda ayelele esangweni ezansi lapho eSamariya, athi, "Sihlaleleni lapha size sife na?" Uzofa, ulele lapho. Unethuba elilodwa kuphela, nalelo lingukumeMukela useseBukhoneni baKhe, futhi kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Uzokwenza lokho na? Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi sukuma, thatha uhlaka lwakho lombhede futhi uye ekhaya, ubonga futhi udumisa uNkulunkulu.

241 Uyakukholwa lokho na? O, uNkulunkulu uzomupha amandla, ungakhathazeki ngalokho. Uma e . . . Nango, eyothatha uhlaka lwakhe lombhede, lusonge futhi uye ekhaya.

242 Nonke nina abanye niyakholwa na? Sukumani ngezinyawo zenu manje. Kuthiwani-ke ngawe usukuma na? Angikhathali ukuthi yini engalungile kuwe, sukuma. Phakamisa izandla zakho futhi uMnike udumo.

243 Nkosi Jesu, basezandleni zaKho, eGameni likaJesu Kristu!

